www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 199 • SEPTEMBER 2016

# KUSAYINDWE ISIVUMELWANO SOKUHWEBELANA KWEZOMNOTHO



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu wemukele uMbusi Zhu Xiaodan, waphesheya kwezilwandle esiFundazweni iGuangdong ezweni lamaShayina. Ukuvakasha koMbusi Zhu Xiaodan waseGuangdong uze lapha esiFundazweni ukuzoqinisa amaxhama ezomnotho azoza ngqo kusosonke isiFundazwe. **Bheka udaba ekhasini 3**



# OKUNGAPHAKATHI











## UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATALI UMNU WILLIES MCHUNU WENZE ISIVUMELWANO SOMNOTHO

**IKHASI 3**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu wemukele uMbusi Zhu Xiaodan, waphesheya kwezilwandle esiFundazweni iGuangdong ezweni lamaShayina. Ukuvakasha koMbusi Zhu Xiaodan waseGuangdong uze lapha esiFundazweni ukuzoqinisa amaxhama ezomnotho azoza ngqo kusosonke isiFundazwe.

## UZIKALALA UCIJISE ABAFUNDI BASEMAJUBA

**IKHASI 5**

UNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu nekhabhinethi lakhe lonkana, bebehambele umphakathi wase Majuba, phansi kwesiqubulo esithi Operation Sukuma Sakhe(OSS).

## ABANE-HIV NGEKE BESALINDA KWEHLE I-CD4 COUNT UKUZE BATHOLE IMISHANGUZO

**IKHASI 7**

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo weluleke owesilisa othile obe wumuntu wokuqala ukuthi ahlolwe atholwe enegciwane le-HIV, bese eqaliswa imishanguzo ngaphandle kokupholisa amaseko.

## UNGQONGQOSHE UPILLAY UHAMBELE IZIKOLE NOMPHAKATHI WASE CHARLESTOWN NGOHLELO LUKA OPERATION SUKUMA SAKHE

**IKHASI 10**

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi u -Ravi Pillay uzibophezele ekusombululeni inkinga yokuvuza kwepayipi lendle neselikhathaze othisha nabafundi esikoleni i-Hope High School eNyukhasela ngesikhathi uhulumeni wesiFundazwe uhambele leya ndawo ngohlelo luka Operation Sukuma Sakhe.

## KUNCONYWE IGALELO LABESIFAZANE ABABAMBE IQHAZA KWEZOLIMO ESIFUNDAZWENI

**IKHASI 12**

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ungcome igalelo labalimi basesiFundazweni abanqoba imiklomelo yabesifazane abavelele emkhakheni wezolimo.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATALI UMNU WILLIES MCHUNU WENZE ISIVUMELWANO SOMNOTHO NESIFUNDAZWE SASE CHINA I-GUANGDONG

Uma abatshali zimali bexhumana nezwe lethu ngqo kwenza ukuba umnotho usheshe usimame, kwakheke amathuba emisebenzi kanye nokwehlisa ubumpofu emphakathini.

NOLWAZI NZUZA, JOY MAKWALA no CUTHBERT NZUZA


UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu wemukele uMbusi Zhu Xiaodan, waphesheya kwezilwandle esiFundazweni iGuangdong ezweni lamaShayina.

Ukuvakasha koMbusi Zhu Xiaodan waseGuangdong uze lapha esiFundazweni ukuzoqinisa amaxhama ezomnotho azoza ngqo kusosonke isiFundazwe.

Umhlonishwa wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezeMvelo uMnu Sihle Zikalala wemukele uMbusi Zhu Xiaodan esikhumulweni sezindiza iKing Shaka. UMnu Sihle Zikalala ubejabulise okwengane ngenkathi amukela uMbusi Zhu Xiaodan. Ukunyathela koMbusi kuleli lengabadi kube okukhethekile ngoba kuyizinkomba zokufika qathatha komnotho kulesisiFundazwe.

IsiFundazwe sethu siyefana ncamashi kwezomnotho nesiFundazwe samaShayina Guangdon. Yize isiFundazwe sethu sibheke entuthukweni enekusasa eliqhakazile kwezomnotho nenesimo esiqinile ekufukuleni ezomnotho kulelilengabadi, abatshali zimali abavela kwamanye amazwe bacabanga kuqala esiFundazweni sethu uma befuna ukutshala umnotho. Abahlonishwa bethu balesisiFundazwe banohlelo oluhle lokuheha abatshali zimali njengoba amabombo ezingqphunga ebheke la kwelikaMthaniya.

Izinhlelo zohwebo ezivulelekile zenza abatshali zimali bafise ukufukula umnotho wesiFundazwe kanye nokwenza amathuba emisebenzi. IsiFundazwe sinamachweba amabili okuyiTheku kanye neRichards Bay okwenza imikhumbi ikwazi ukuthutha izimpahla ezisiza izwe lethu laseAfrica. IDube Trade port yona ilaphaya esikhumulweni sezindiza esidale amathuba amaningi



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu kanye noMbusi Zhu Xiaodan, wesiFundazwe iGuangdong ezweni lamaShayina, basayinde isivumelwano sokuhwebelana kwezomnotho.*

emikhiqizo eyahlukene yemisebenzi ngokuxhumana naso isiFundazwe samaShayina.

Lobubudlelwano baleziziFundazwe kwenzelwe ukuqinisa amaxhama ezomnotho kanye nokwakha amathuba ezemisebenzi. Lomsitho wokuhambela koMbusi ubusingathwe nayiziMeya, osomabhizinisi kanye nosomabhizinisi abasafufusa.

Kuhlalukile ukuthi uma kuvuleka amathuba ezemisebenzi isiFundazwe sethu singaba nempilo engcono emphakathini.

Njengoba kade siyovota uNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uthe isifiso sakhe ukuthi kuqambe kushaya unyaka ka2030 kube sekunamathuba emisebenzi emisha engaphezulu kwezigidi eziyishumi nanye ezweni laseMzansi Africa.

Kulesisibalo imisebenzi engaba izigidi ezimbili kufanele iphume lapha kulesisiFundazwe saKwaZulu-Natal. Amazwe afana neNdiya, Brazil kanye neShayina athola ukukhula komnotho kwawo ngenxa yohwebo olufuze lolu.

Uma abatshali zimali bexhumana nezwe lethu ngqo kwenza ukuba umnotho usheshe usimame, kwakheke amathuba emisebenzi kanye nokwehlisa ubumpofu emphakathini.

IsiFundazwe sethu sinohlelo lokuthuthukisa umnotho futhi sinohlelo lokusabalalilsa izinhlelo zomnotho kubo bonke oMasipala.

UMbusi uZhu Xiaodan uthe uyazibophezela ohlelweni lokufukula umnotho kuwowonke amadolobha esiFundazwe waze wenza isibonelo ngeTheku athe naye unalo idolobha elifuze iTheku kwelakubo. UMeya waseMhlathuze uKhansela Mduduzi Mhlongo kanye noMeya weTheku uKhansela Zandile Gumede babe abanye bezimenywa abahambele umsitho obuse ICC lapho behlangane khona nabaphelezeli boMbusi waseGuangdon.

UKhansela Zandile Gumede useneminyaka engaphezulu kwamashumi amabili exhumana nesiFundazwe samaShayina beshiyelana ngolwazi kwezamasiko, ezemfundo kanye nezokungcebeleka.

Ethula inkulumo yakhe okaPhakathwayo uthe, ukuzibophezela kwethu kuyisibonelo esihle esisuka kuMongameli wezwe uMnu Jacob Zuma kanye noNdunankulu uMnu Willies Mchunu. Lababaholi yibo abashayela inqola bebeka abantu boMzansi Africa phambili ukuze babe nempilo engcono.

OkaPhakathwayo uveze umbono wakhe ngentsha yesiFundazwe ukuba bonke abanamakhono, abagxile emkhakheni wezohwebo, abagogodile emkhakheni eyahlukene ukuba beze eThekwini nolwazi lwabo ukuzofukula umnotho weTheku.

Abantu abasha bangaqhudelana nabantu bamazwe emkhakheni yezamabhizinisi asafufusa uma benganikwa ithuba. Umholi waseShayina Lao Tzue wathi, “Ibanga eliyizinkulungwane liqala ngegxathu elilodwa.”

OkaMacingwane unezinhloso zohwebo nalelizwe lamaShayina, ukutshalwa kwezikhonkwane zomnotho, ezokuvakasha, ezolimo, amachweba emikhumbi, ezemfundo kanye nezamasiko.

LeziziFundazwe zizibophezele ekutheni zandise ukuxhumana ngezikhathi zonke.

> *“Abantu abasha bangaqhudelana nabantu bamazwe emkhakheni yezamabhizinisi asafufusa uma benganikwa ithuba. Umholi waseShayina Lao Tzue wathi.”Ibanga eliyizinkulungwane liqala ngegxathu elilodwa.”*



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSSED ON VISION 2030

KZN Provincial Communications_2016



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu ngenkathi evakashele endaweni yase Newcastle ngokohlelo luka Operation Sukuma Sakhe*

# LUBE IMPUMELELO UHLELO LUKA OPERATION SUKUMA SAKHE E-NEWCASTLE OBELUHOLWA UNDUNANKULU NONGQONGQOSHE BAKHE

■ Abantu abakhubazekile kumele babeyingxenye yazo izinhlaka ezikhona emphakathini ikakhulukazi ezemidlalo, kubalulekile ukuthi umphakathi ushintshe indlela yokucabanga

**NOLWAZI NZUZA**

Uhlelo lwalenyanga luka Operation Sukuma Sakhe lube enkulu impumelelo njengoba abantu bebephume ngobuningi babo e-Newcastle yize kade likhiphe umkhovu etsheni.

Umphakathi wase Newcastle ubonge wanconcoza njengoba uNdunankulu ebehambele izikole ezimbili kulendawo Osizweni High School kanye ne-Zibambeleni High School waphinda wahlangana nomphakathi Osizweni Arts and Craft Centre ukuyolalela izinkinga ezibhekene nomphakathi wakulendawo.

UNdunankulu uthole okukhulu ukushaqeka ngesikhathi ehambele isikole Osizweni High School ngesikhathi othisha bekhala ngesakhiwo seposi esingaphandle kwamagceke esikole.

Uthishanhloko walesikole ubikele uNdunankulu ukuthi babhekene nenkulu inkinga ngoba buningi ubugebengu obenzekayo kulesi sakhiwo seposi futhi kuphazamiseka ukufunda.

Isizathu esenze uNdunankulu ukuba ahambele lesikole ukuthi sibe nemiphumela engemihle ngonyaka odlule yaMatikuletsheni kanti kwakuyisikole ebesenza kahle ngendlela emangalisayo eminyakeni edlule. Othisha baphinde bakhala ngezidakamizwa ezidayiswa esinye sezakhamuzi esaziwayo endaweni.

Kanti enye yezingqinamba ababhekene nayo kulesikole izinga eliphezulu lokukhulelwa kwabafundi, uNdunankulu uphinde wanxusa abazali ukuthi bakhuze futhi bafundise izingane ngobungozi bocansi olungaphephile.

UNdunankulu ulandele ngokuhambela isikole iZibambeleni High School naso esibe nemiphumela engemihle yaMatikuletsheni ngonyaka odlule.

UNdunankulu uhambele lezizikole zombili ngenhloso yokudinginda izingqinamba ezibhekene nothisha kanye nabafundi besikole njengoba amanye amagumbi okufundela engenazo ngisho izicabha zokuvala emnyango futhi azinawo ugesi.

UNdunankulu uthole umbiko kothisha ukuthi zonke izinsuku uma kufundwa kuke kube noqqaba oluhlala ngaphandle kwesikole olusuke luzophazamisa ukufunda kwabantwana kwazise lesikole asinaye unogada, kanti nesango alikhiywa abafundi bayaziphumela nje uma sekuyiwa ekhefini.

UNdunankulu, iMeya kanye namaKhansela akulendawo bazibophezele ukuthi bazosebenzisana nomphakathi wakulendawo ukuze balwe nezingqinamba zobugebengu, kanye nezidakamizwa.

Okube mnandi kakhulu nge-Zibambeleni ukuthi abakwa Al-Imdaad Foundation abasebenzisana kakhulu noHulumeni waKwaZulu-Natal bavolontiyile ukuthenga izicabha zalesikole. Ngesikhathi uNdunankulu esehamba kulesikole ushiye esinye sezakhamuzi sakhona eNewcastle esidume kakhulu ebholeni likanobhujuzwayo uFani Madida ekhulumisana nothishanhloko walesikole ukuthi uzimisele ngokupenda amaklasi alesikole.

UNdunankulu ugcine ngokuhambela umphakathi Osizweni Arts and Craft Centre lapho ebeyolalela khona izinkinga zomphakathi.

Enkulumweni yakhe uNdunankulu unxuse amalunga omphakathi ukuba bangacwasi futhi bangahlukumezi abantu abakhubazekile ngoba banezinkinga zabo ezibakhungethe kubuhlungu kakhulu uma bezophinda bahlukunyezwe umphakathi.

UNdunankulu uthe abantu abakhubazekile kumele babeyingxenye yazo izinhlaka ezikhona emphakathini ikakhulukazi ezemidlalo, uqhube wathi kubalulekile ukuthi umphakathi ushintshe indlela yokucabanga ngoba ushintsho luqala ngawo umphakathi.

UNdunankulu uphethe inkulumo yakhe ngokuthi amakhansela kanye nomphakathi awakhuze aphinde aluleke intsha ngoba iyona enezinga eliphezulu lokungenwa isifo sengculazi ngoba izibandakanya ocansini olungaphephile, kanti inkulu imali echithwa uHulumeni ekhiqiza amakhondomu, kubi kakhulu uma uHulumeni ezochitha imali engaka ekhiqiza amakhondomu abantu baqede bangawasebenzisi ngoba leyomali ngabe isiza ukuletha izidingo zomphakathi.

UNdunankulu ubonge kakhulu kumphakathi waseNewcastle ngokuphuma ngobuningi bawo ukuzozwakalisa izinkinga uthembisile ukuthi yena nethimba lakhe bazozama ngakho konke okusemandleni abo ukuhlangabezana nezidingo zalomphakathi.

# UNdunankulu waKwaZulu-Natal uhambele iMandela Marathon




*UNdunankulu waKwaZulu-Natal, uMnu. Willies Mchunu ehambisana nomzukulu kaMandela inkosi uMandla Mandela kanye noNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube, beklomelisa abanqobile kulomjaho.*

# UZIKALALA UCIJISE ABAFUNDI BASEMAJUBA

**SIFUNDO DLAMINI AND ANDILE KHOZA**

UNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu nekhabhinethi lakhe lonkana, bebehambele umphakathi wase Majuba, phansi kwesiqubulo esithi Operation Sukuma Sakhe(OSS). Kwabanye abebehambele lomgubho, uNgqongqoshe uMnuz uSihle Zikalala, woMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokNgiwa kwezeMvelo(EDTEA).

UNqongqoshe yena ubehambele enye yezigceme kuwo lomphakathi waseMajuba.

UMhlonishwa uvakashele izikole ezimbili Inhlosenhle kanye no Mzamo, kuzo zombili lezikole ubehlomisa abafundi futhi ebaqgugquzela ngokuziphatha kahle kanye nokuzimisela ikakhulukazi ngoba sekusondele ukuhlolwa kwabafundi. UKhuzeni akagcinanga ngokuhlomisa abafundi nje ngamazwi kuphela kodwa uphinde wapha abantwana besifazane izipho "Siyazi ukuthi kukhona abantwana besifazane abagcina bengezi esikoleni ngenxa yokuvinjwa yisimo semvelo" kusho uZikalala. Babonge banconcoza abantwana bemukela lezizipho. Esikioleni saseMzamo uNgqongqoshe akaphanga nje kuphela abantwana besifazane kodwa uphinde wapha nedlanzana labantwana besilisa nabesifazane ebebeswele izicathulo zesikole, kuzo zonke lezikhathi injabulo ibibhalwe emehlweni ayi kubantwana kuphela kodwa nakothisha nothishanhloko imbala.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala, ehambele indawo yaseNewcastle ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe*

UNgqongqoshe ubephelezelwa abaholi bendawo, bese kuba iNhloko yoMnyango wezeMfundo kwaZulu-Natal uAdv Bheki Masuku, obelokhu uZikalala enze umzekelo ngaye ekugqugquzeleni abafundi ukuthi bafunde baze bagogode njengaye umfoka Masuku. "Thina sonke esila phambi kwenu saze saqeda ezikoleni sikhokha, singadli khona, kodwa nina namuhla niyadla ezikoleni, futhi seninemfundo yamahhala, ikusasa lezwe lethu likinina" kusho uZikalala. UZikalala uqede ukuvakashela abafundi wabe eseyovakashela isakhiwo esisakhandwa okuzoba isikhungo sokufunda sesikole uMzamo, emva kokuba lesisikole sasuswa endaweni yaso ngenxa yezimo zokuphepha kulandela imayini engekho emthethweni ebihamba ngaphansi yaze safika kuso lesiskole. UZikalala nabakhaphi bakhe baqede ukuvakashela izikole lezi base bayohlangana nomphakathi ngenhloso yokuyolalela izikhalo zomphakathi.

UKhuzeni ugqugquzele lomphakathi ukuthi uhlangane wenze umfelandawonye, ube esebaxoxela ngezinhlelo ezikhona kulomNyango ezibekelwe ukuthuthukisa lemifela ndawonye.

Ube esevala usuku ngokuyobona lemayini engekho emthethweni ngenhloso yokuthi ivalwe kodwa futhi nezinhlelo zokungashiyi abasebenzi balemayini besele degwane.

# Senyukile isibalo sabagibeli eKing Shaka International

**SIYABONGA MAPHUMULO**

Isikhumulo esikhulukazi sezindiza KwaZulu-Natali iKing Shaka International Airport ibukeka iqhubeka nokuba nesasasa kulabo abasebenzisa amabhanoyi njengoba izibalo zakamuva zitshengisa ukwenyuka komthamo wabantu abatheleka kulesiya sikhulumo ngamabhanoyi.

Lokhu kufakazelwa izibalo zakamuva ezitshengisa ukuthi isibalo sabagibeli bamabhanoyi senyuke kakhulu ngo-Julayi nonyaka uma kuqhathaniswa nesikhathi esifanayo ngo-2015.

Izivakashi ezifike e-KZN ngezindiza senyuke sayofinyelela ku-34 753 sisuka ku-23 855 nyakenye. Ephawula ngalokwenyuka kwezibalo uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnuz. Sihle Zikalala uthe okunye okube nomthelela kulokhu ukuthi nyakenye isifundazwe sethule imizila emisha yezindiza ngenkathi kunengqungquthela iWorld Routes Conference. "Sikhuluma nje sekunezindiza ezingaphezu kuka-900 ezithi cababa laphaya eKing Shaka. Lapha singabala nemizila emisha efana ne-Dubai (Emirates Airlines), Doha (Qatar Airways), Istanbul (Turkish Airlines), kanye ne Addis Ababa (Ethiopian airlines). Lokhu kusho ukuthi izivakashi eziphuma emazweni ahlukene sezikwazi ukugibela amabhanoyi eza ngqo kulesisifundazwe ngale kokuthi ziqale kwamanye amazwe zixhume izindiza," kusho uZikalala.

Wathi lokhu kuphinde futhi kuhambisane nezinhlelo zesifundazwe zokuthuthukisa ezokuvakasha kanjalo nokuhehela izivakashi kulesisifundazwe. Uthe njengoba inyanga kaSepthemba ihlonzwe njengenyanga yezokuvakasha isifundazwe siqinise imikhankaso okuhloswe ngayo ukuheha izivakashi ezivela ezindaweni ezihlukene kanjalo nokuqikelela ukuthi wonke umuntu uyahlomula kulomkhakha.

"Kulonyaka-ke isiqubulo senyanga yezokuvakasha sithi "Tourism for All – Promoting Universal Accessibility" nokuhumusheka ngokuthi ezokuvakasha ezikawonke wonke.

Lesi siqubulo sisho lukhulu ikakhulukazi kithi lapha KwaZulu-Natali kwazise ezokuvakasha zibalwa phakathi kwezimboni eziwumgogodla wezomnotho kanjalo nokuvula amathuba emsebenzi." Uthe lokhu kuqukethwe nakwi-Tourism Master Plan okuyisu isifundazwe esalethula ngo-2013 lokukhulisa ezokuvakasha. "Sifuna ukuthi ezokuvakasha zikwazi ukuqasha abantu abayizinkulungwane eziyikhulu nesishiyagalombili (180 000) ziphinde futhi zingenise izigidigidi ezingamashumi ayisikhombisa (70-billion) kanjalo zikhulise futhi amabhizinisi ngo-3.5% ngonyaka ka2030. Njengoba sazi sonke isifundazwe sethu asigcini ngokuthi sibe nobuhle obungefaniswe, kodwa sihamba phambili kwezokuvakasha," kusho uZikalala. IKwaZulu-Natali yaziwa njengezinye zezifundazwe ezigabe ngemihlabahloso kwezokuvakasha njengoba inezindawo ezifana neTheku noGu oluseningizimu okuyizindawo ezigudle ulwandle, uGu olusenyakatho olugabe ngeziqiwi, uMgungundlovu okuyilapho okwabanjelwa khona uTata uMadiba eze eyoboshwa eRobben Island, izintaba zoKhahlamba okuyindawo ehlonzwe njengeyigugu ngaphansi kwenhlangano yezizwe i-UNESCO, iZululand, Maputaland kanjalo ne-Elephant Coast.

UZikalala waphetha ngokuthi ezokuvakasha kumele zihlomulise wonke umuntu, ikakhulukazi abantu abamnyama okuyibo ababencishwe amathuba enkathini edlule."Sifuna ukuthi abantu abamnyama bangene bangamanxe kuzo zonke izigaba zezokuvakasha, ikakhulukazi intsha kanye nabesifazane.

Lapha-ke sithi sifuna abantu abamnyama nabo babe phela abanini bamahhotela, ama-tour operators babe futhi nezindawo zokulala."

# UNgqongqoshe uqhakambise iqhaza labesimane kwezomnotho

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal uSihle Zikalala ukuchaza njengechilo ukwencishwa kwamathuba okuzithuthukisa kwabesifazane ngenxa yobulili babo. UZikalala uphawule kanje emcimbini obuhlelwe uhulumeni waKwaZulu-Natali ngokubambisana nenkampani ekhiqiza izimpahla zokugqoka i-Edcon Group wokubungaza iqhaza labesifazane emphakathini. Enkulumweni yakhe uNgqongqoshe ukhale kakhulu ngalabo abasabuswa umqondo wakudala wokuthi kunemisebenzi ethile elungele amadoda kuphela, hhayi abesifazane. Uthe ngisho emlandweni kuyahlaluka ukuthi ngenkathi leli lisalwela inkululeko nabesimame babesekhaleni lomzabalazo, kungesibo abesilisa kuphela. "Ngonyaka ka-1956 amaqhawekazi abantu besifazane ayibamba ishisa, eholwa izingqalabutho ezifana no-Mam' Lilian Ngoyi, Sophie De Bruin, nomama uHelen Joseph, bamashela ezindlini zombuso wamabhunu ePitoli belwela isithunzi somuntu omnyama.

Ngakho-ke kumele sihlale njalo sikhumbula ukuthi lelizwe lakhiwa ngokubambisana kwawo wonke umuntu, hhayi ngemizamo yabesilisa kuphela," kusho uZikalala. Wathi ngezikhathi zobandlululo abesifazane yibo ababecindezelwe kakhulu ngoba, babecindezelwe ngenxa yobulili babo baphinde bacindezelelwe ukuba abantu abamnyama. Ngaleyondlela, kusho uZikalala, uMnyango wethu wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natali unezinhlelo ezinqala zokuqinisekisa zokuthi abesimame, ikakhulukazi abebala elimnyama bayabhekelelwa ukuze bazithuthukise ngokwamakhono, ezezimali kanjalo nezamabhizinisi.

"ENingizimu Afrika inzalabantu yiyona eningi, nokukhombisa ngokusobala ukuthi yibona abathwele ijoka lokubhekana mihla yonke yokuvuka nobubha nenhlupheko." Uthe abantu besifazane yibona uhulumeni obabeke eqhulwini lezinhlelo zokuhlomulisa abantu emnothweni wesizwe. "Siwuhulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali sinqume ukuthi ingxenye engamaphesenti angamashumi amathathu nanhlanu (35%) ayo yonke imisebenzi yomphakathi kumele ihlomulise abesimame.

Kanti, ngenxa yokuthi siyazi futhi ukuthi iningi labesimame kuphinde kube abantu abasha, sithe enye ingxenye engamashumi amathathu nanhlanu (30%) kumele ibekelwe eceleni ukuhlomulisa abantu abasha." UZikalala waphinde wabalula izinhlelo zokunikeza abesifazane amathuba okuqeqeshwa emkhakheni ehlukahlukene. "Sifuna ukuhlaba ikhwelo lokuthi abantu besifazane abazicije, bakhe imifelandawonye ukuze bakwazi ukuhlomula ngaphansi kwezinhlelo zikaHulumeni. Sithathe isinqumo sokuthi njengoba kunezibhedlela zaHulumeni kanye nezikole namajele, yonke imikhiqizo ethengwayo yilezizikhungo kufanele ithengwe kubantu bakithi. Yingakho sithi itshe lizogaya ngomunye umhlathi manje."



**"Sifuna ukuthi ezokuvakasha zikwazi ukuqasha abantu abayizinkulungwane eziyikhulu nesishiyagalombili (180 000) ziphinde futhi zingenise izigidigidi ezingamashumi ayisikhombisa (70-billion)"**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# INDLALA KUBAFUNDI EZIKOLENI KUNOMTHELELA WOKUNGENZI KAHLE EZIFUNDWENI

**MINENHLE MNCWANGO NO ZINHLE GWAMANDA**

Inkinga yokulamba kwabafundi ingenye yezinselelo uhulumeni abhekene nayo njengoba inomthelela omubi ogcina sewudala ukungenzi kahle kwabo ezifundweni. Lokhu kuvele ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ehambele indawo yaseMadadeni, kumasipala waseNewcastle ngaphansi komkhandlu wesiFunda Amajuba, ukuyoxoxisana nomphakathi. Lapha uNgqongqoshe uThusi ubethunywe uhulumeni wesiFundazwe ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe, ukuyozwa ukuthi uhulumeni usasebenza ngendlela yini, nokuthi yini abantu abafuna ilungiswe, noma benzelwe kona.

UNgqongqoshe uThusi uqale wavakashela ezikoleni ezimbili zendawo, iBethamoya High School, eyakhiwa ngonyaka ka-1985, kanye neSekusile High School, yona eyakhiwe ngonyaka ka-1971, esezikhiqize inqwaba yabantu asebeyizikhulu ezindaweni eziningi, lapho efike wahlangana



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ehambele eMadadeni*

nemikhandlu elawula izikole kanye nothisha. Utshelwe ukuthi abanye abafundi banenkinga yokungenzi kahle ezifundweni zabo ngenxa yokulamba njengoba isimo sasemakhaya abasuka kuwona singesihle, nokuthi amantombazane asezinsukwini zazo kuyenzeka alove ngenxa yokuthi awanazo izinto okumele azisebenzise. UNgqongqoshe uThusi ube esenikela abafundi abantulayo imifaniswano yesikole nezinto zokugeza kanye nemisubelo yamantombazane.

Uphinde waxoxa nabazali balaba bafundi. Uthe: "Siyaninxusa bazali ukuba nibambisane nothisha ekugqugquzeleni ukuba bafunde ngokuzimisela abafundi.

"Izidakamizwa zinobungozi obungaphazamisa ikusasa lenu eliqhakazile. Yazini ukuba izwe lethembele kunina ukuba nikhule niphathe uhulumeni kanye nezimboni. Yazini ukuthi niyisibani sezwe. "UHulumeni usiza lapho okusuke kunesidingo sokuba sinikezele ngokudla ngoba umndeni usuke ubhekene nesimo esingaphezu kokwenza kodwa leyomindeni ethola izibonelelo kuhulumeni angeke futhi siphinde siyikhiphele ukudla," kuchaza uNgqongqoshe uThusi.

Usuke lapho amabombo wawabhekisa ehholo lomphakathi ehambisana namakhansela endawo, okubalwa kubo uKhansela Nonhlanhla Ngcobo ophethe kuwadi-26, uKhansela Shabangu wakuwadi-24, uKhansela Ali Khoza waku wadi-28, kanye noKhansela uNdlovu.

Umphakathi ubonge kakhulu kuhulumeni okwazi ukuzifikela mathupha kubona, baveze ukuthi bayayibona intuthuko.

Nokho abanye bakhalile ngempatho engeyinhle yezisebenzi zikahulumeni uma beyofuna usizo, okubalwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi noweze Mpilo. Bakhononde nangolayini abade eMnyangweni wezaseKhaya, oziphendulele wathi uvele usemkhankasweni wokuhambela umphakathi ukuyobenzisa izitifiketi kanye nomazisi, ikakhulukazi ezikoleni.

UNgqongqoshe uThusi uyalele umphakathi ukuba uqinisekise ukuthi ulithathe igama lomuntu okhulume kabi njengoba umsebenzi kahulumeni kumeleke ukuba abe nesigqebhezana asifakayo esibhalwe igama lakhe kanye nomsebenzi awenzayo,

Uphinde wagcizelela ukuthi uma bephatheke kabi emahhovisi oMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi akubikwe ehhovisi lakhe. Uthe: "Akuwona umthetho kahulumeni ukuba abasebenzi bahlukumeze umphakathi. Ngakho siyacela kubikwe labo bantu khona sizobhekana nabo.

Sikushayela ihlombe okuzokwenziwa uMnyango wezaseKhaya njengoba uzoqala uhlelo lokuhambela izikole ukushayisa omazisi kanye nezitifiketi. Umphakathi uzothola ukusizakala eduzane."

# UNgqongqoshe uThusi ugeqa amagula ngokungahlomuli kwezinye zezinhlangano ezizimele

Ezinye zezizathu ezenza ukuba izinhlangano ezizimele zingaqhubeki nokuthola imali ukuthi kuye kwenzeke zingakwazi ukugcina amabhuku afakazela ukuthi izimali zizisebenzise kanjani.

Lokhu kushiwo uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, esithangamini sabezindaba muva nje, kulandela imibiko engelona iqiniso yokuthi loMnyango uyazinqamula izimali zezinhlangano ezingenzi nzuzo.

Uthe: "Sekube nemibiko eminingi muva nje ebeka isithombe esithi uMnyango usemkhankasweni wokwehlisa imali eyabelwa izinhlangano ezingenzinzuzo, futhi awuzwelani noma awunendaba nabantu okumele bahlomule.

"UMnyango wabelwe isamba esingango-R2,7 billion, kanti imali engango-R841.8 million iye idluliselwe kuma-NPO abalelwa ku-3 504, enza umsebenzi ohambisana nezinjongo zoMnyango. "Abahlomulayo ngalemali kubalwa izingane, intsha, abantu abadala, izisulu zodlame kanye nobugebengu, abasenkingeni yezidakamizwa, abantu abakhungethwe yigciwane leHIV kanye nengculaza, abakhubazekile, abesifazane kanye nabantulayo."Enkulumweni yami yesabelo mali ka 2016/17 engayethula kwiShayamthetho ngakubeka ukuthi sekukhona ukungenelela esikwenzayo lapho sibheka khona ukusebenza kwezinhlangano nokuphuma kwezimali ngasekupheleni konyaka wezimali u2015/16. "Emuva kokuba isabelomali sesivunyiwe, ngiye ngavakashela izinhlangano ezingenzi nzuzo ezihlomulayo eMnyangweni ngihamba ngizichazela ngengakusho kwisabelomali okuzithintayo.

"Ngizokuphinda futhi namuhla engakutshela izinhlangano ezizimele. Ngathi kulonyaka wezimali ophezulu angeke kubekhona ukunqanyulwa kwezimali ezabelwa lezi zinhlangano nakuba uMnyango wehliselwe imali owabelwa yona ngenxa yesimo esingesihle kwezomnotho esesenze yehle imali engenayo kuhulumeni.

"Kulonyaka wezimali uwodwa nje isabelomali saloMnyango sehle ngamaphesenti amathathu, okube imali engango-R83,1 million.

"Ngaphinde ngachaza futhi ukuthi uMnyango uzoba nohlelo lokubhekisisa ukuthi imali isebenza kanjani, kubhekwe ukuthi izinhlangano ezingenzi nzuzo ziziyisa kanjani izidingo emiphakathini, nokuthi akukho ukwenzelela ngoba sifuna ukuthi imiphakathi esezindaweni zasemakhaya ihlomule ngokufanayo nemiphakathi



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, iNhloko yoMnyango,uNkosazana Nokuthula Khanyile, kanye noMnumzane Dumisani Xaba, owengamele ezokuCwaninga neNtuthuko, ngesikhathi benesithangami sabezindaba.*

eseduze nezindawo zamadolobha.

"Kuyiqiniso ukuthi ububha bukhungethe yonke imiphakathi, kodwa futhi kuyacaca ukuthi kunemiphakathi engakutholi ukusizakala nhlobo. "Yingakho uMnyango usebenza kumawadi ekuletheni izidingo kubantu.

Yingakho nokusebenza kwezinhlangano ezingenzi nzuzo kucutshungulwa ezingeni lamawadi. "Ngonyaka odlule uMnyango uye wacubungula umsebenzi owenzayo ngokubambisana nama nezinhlangano ezingenzi nzuzo, okwenze kwavela ukuthi kusenemiphakathi engakutholi ukusizakala kwezenhlalakahle.

"Lolu cwaningo lukuvezile futhi ukuthi kunezindawo lapho uMnyango ususebenza ngendlela engcono kangangokuba imiphakathi ayisathembele kakhulu ezinhlanganweni ezingenzi nzuzo, kwezinye izindawo uthole ukuthi lokho kwenza ukuba singabe sisaba khona isidingo salezi zinhlangano. "Kwezinye izindawo uthola ukuthi ezinye izinhlangano azisakwenzi lokhu ezisuke zinikelwe khona imali. Lokhu kuye kwafakazeleka futhi ocwaningweni olwenziwe iNhloko yoMnyango nabaphathi boMnyango. "Lolu cwaningo olwenziwa ngokuhambisana ne-Public Finance Management Act kanye nemigomo kaMgcinimafa, luveze nokuthi ezinye zezinhlangano zibuye zingahambisani nemigomo ebekiwe, okumanje leyonto iyalungiswa nezinhlangano ezithintekayo.

Ukuze kusizakale izinhlangano ezithintekayo, uMnyango usuphinde waba nezivumelwano ezintsha nalezi zinhlangano. "Angikubeke kucace ukuthi ezimweni lapho sithole khona ukuthi kukhona izinhlangano ezenza umsebenzi ongahambisani nokumele kwenziwe uMnyango, izimali zokusebenza kwazo ziyamiswa, futhi izizathu zokwenza lokho ziye zibekwe zicace.

"Umbiko ngalokhu sewathulwa kumakomidi esiShayamthetho angamele ezeziMali kanye nezokuThuthukiswa koMphakathi. Womabili lama komidi esiShayamthetho akusekela lokhu.

"Ukungezwani kahle kungenzeka ukuba kube sekuxhumaneni. NjengoMnyango siyavuma ukuthi indlela esahambisa ngayo umbiko ezinhlanganweni ezithintekayo ayicacanga kahle, kodwa-ke sesikulungisile lokho.

"Yingakho ngiye ngathi iNhloko yoMnyango ayibheke ukusebenza kwezinhlaka ezaziwa ngama NPO Forum ezingeni lohulumeni basekhaya, esiFundazweni kanye nesiFunda sonkana," kusho uNgqongqoshe uThusi.



**"Kulonyaka wezimali uwodwa nje isabelomali saloMnyango sehle ngamaphesenti amathathu, okube imali engango-R83,1 million."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# ABANE-HIV NGEKE BESALINDA KWEHLE I-CD4 COUNT UKUZE BATHOLE IMISHANGUZO

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo weluleke owesilisa othile obe wumuntu wokuqala ukuthi ahlolwe atholwe enegciwane le-HIV, bese eqaliswa imishanguzo ngaphandle kokupholisa amaseko.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal naso siyingxenye yohlelo lukazwelonke olubizwa nge-"Universal Test and Treat", lokuthi kungabe kusalindwa kuze kwehle isibalo samasosha omzimba ukuze umuntu aqale imishanguzo.



*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo KwaDabeka Community Health Centre.*

Loluhlelo luqale ukusebenza kuzwelonke kusukela mhlaka 01 September 2016. Lomthetho omusha uhambisana nomgomo wezeMpilo weNhlangano yamazwe ngamazwe i-World Health Organization, eyenza ucwaningo yathola ukuthi ukuqala imishanguzo ngaphandle kokulinda kuze kwehle iCD4 Count kumuntu kwenza ukuthi aphile kahle, futhi isikhathi eside. Lolu hlelo lwamenyezelwa wuNgqongqoshe wezeMpilo kuzwelonke uDkt. Aaron Motsoaledi ngesikhathi ethula inkulumo yakhe yesabelo mali ngo-May. Phambilini, imishanguzo yayiqala ukudliwa uma umuntu ene-CD4 Count ka-200, kwakhuphuka kwaya ku-350, kanti kugcine sekuwu-500. Kodwa manje akusezulindwa. Lolu hlelo luqala nje, vele ayisabhekwa i-CD4 Count ukuze kuqalwe imishanguzo kubantu abakhulelwe kanye nezingane ezineminyaka engaphansi kwemihlanu.

NgokoMnyango wezeMpilo kuzwelonke ukwethulwa kwe-"Test and Treat" kuzosiza kakhulu uhlelo lukaHulumeni i-National Development Plan ukwelula impilo ezophilwa abantu abanesandulela ngculazi. Ngesikhathi amukela lomgomo we-"Test and Treat" uDkt Dhlomo uthe: utheuHulumeni uyazi ukuthi sizokwanda isibalo sabantu abazodinga ukuthola imishanguzo, nokukhulisa isibalo sabantu abadinga lemishanguzo ezikhungweni zezeMpilo.

"Ukuze sehlise umthwalo ezigulini kanye nasezikhungweni zethu, uMnyango uqale uhlelo lokuthi lezo ziguli ezingadingi ukubonwa uDokotela nabahlengikazi kaningi ngonyaka, zithunyelelwe imithi namaphilisi eduzane kwasemakhaya abo.

Kungaba yisemasontweni noma emahholo omphakathi." UDkt Dhlomo ubuye wanxusa amalungu omphakathi ukuba ayohlolela isandulela ngculazi noma kanye ngonyaka, ukuze labo abatholakala benaso bakwazi ukuqala umshanguzo masinyane.

"Kulabo abangakabi nalo igciwane umyalezo ucace bha: abahlale benjalo basebenzise ama condom njalo uma bezimbandakanya nocansi, baphinde basoke ezikhungweni zezeMpilo.

Akungabi khona abantu abasazongenwa igciwane ngoba uMnyango unezinhlelo ezininingi zokugqugquzela ukugwenywa kokubhebhetheka kwalesifo njenganohlelo lokukhipha amacondom amahhala.

Kulabo asebenegciwane lengculazi sicela niqikelele ukuthi anitheleli abanye. Njengoba siqala uhlelo lwe Test and Treat asiqinisekise ukuthi akuzophinde kutheleleke muntu."

# UMnyango wezempilo KwaZulu-Natal wethule ngokusemthethweni umkhankaso wokulwisana nokushintshwa kwebala

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natala uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse zonke izakhamuzi zakulesisiFundazwe ukuba zixwaye umkhuba omubi obhebhethekisa okomlilo wequbula wokushintsha ibala umuntu esebenzisa imikhiqizo ethize ukwenza ukuthi akhanye ngebala noma abe yi (Yellow bone). UDhlomo uthi lokhu kungaba nobungozi obukhulu, uthi lemikhiqizo ingabangela umdlavuza wesikhumba, futhi kungabangela nokuthi abantu abenza lokhu basheshe badlule emhlabeni. UNgqongqoshe uDhlomo uyaxwayisa.

"Kusukela eminyakeni emininingi eyedlule besibona abantu abazishintsha ibala labo begcina benenkinga yesikhumba ngenxa yokuthi bafuna ukukhanya ngebala,ikhakhulukazi endlini yakithi emnyama kanye nabomdabu baseNdiya. Kunomcabango engesilona iqiniso wokuthi uma uzalwe unsundu ngebala awukho muhle noma awubukeki. Akulona iqiniso ukuthi uma ukhanya ngokwebala umuhle okwedlula umuntu onsundu ngokwebala. "Imikhiqizo emininingi ethengisayo yesikhumba ithembisa abantu ukuthi bazoba bahle yenzelwa kakhulu abebala elinsundu. Sesibone iningi labantu abansundu abesilisa nabesifazane abasebenzisa lemikhiqizo bedlula emhlabeni, ngoba lemikhiqizo iqukethe amakhemikhali anobungozi kodwa ibhodlela libe libhalwe ukuthi uzoba nokuthula," Kuchaza uDhlomo. Lemashi yokuphikisana nokushintsha ibala ibibanjelwe eThekwini. Abantu bebetheleke ngobuningi babo nakuba beliyidliva imvula. Kubantu abebehambele lemashi bekukhona nalabo abethule ubufakazi ngobungozi bokusebenzisa lemikhiqizo, asebeke bayisebenzisa yangabasiza kodwa yaba nemiphumela engemihle kubona. UNgqongqoshe Dhlomo uphinde wanxusa amaphoyisa ukuba aqinisekise ukuthi ayabhekana nalabo abathengisa imikhiqizo yesikhumba engekho emthethweni, futhi aqinisekise ukuthi ayithengiswa kwasanhlobo ezitolo, icekelwe phansi ingangeni nakungena kulelizwe ivela emazweni angaphandle.

"Sinxusa amaphoyisa ukuba abambe iqhaza ukuqinisekisa ukuthi imikhiqizo yokusa-cream kwesikhumba okungekho emthethweni akungeni kulelizwe.

IziNhlangano zabamabhizinisi kumele zibonise ukukhathalela abantu ngokuthi zigqugquzele ukuthi zonke izimakethe, amakhemesi,izitolo kanye nabahwebi abathengisa imikhiqizo yesikhumba engekho emthethweni iyasuswa yonke. Kulabo abakhiqiza imikhqizo yesikhumba sifuna imigomo eqinile kanye nemithetho ephathelene nokuthengiswa komkhiqizo eshoyo ukuthi loyomkhiqizo uyasisiza isikhumba." UDhlomo uthe manje sekuyisikhathi sokuthi abantu bakulelizwe bazi ukuthi iningi lalemikhiqizo iqukethe izithako ezingaba nobungozi ezifana ne-steroid, i-hydroquinone, i-mercury, i-phenol lokhu kungaba nomphumela ongemuhle kwasanhlobo esikhumbeni somuntu. UDhlomo uthe eminye yemiphumela yokusebenzisa lemikhiqizo yokushintsha ibala kungaba yile elandelayo:

- Umdlavuza wesikhumba
- Isikhumba sihlaseleke kalula izifo
- Isikhumba siba buthaka kakhulu
- Isikhumba siba esingajwayelekile
- Isikhumba sihlale sintayekile
- Kubeka obala imithambo yesikhumba
- Kwandisa inkwethu ezinweleni
- Kwenza ukuthi ungabe usabuyela esikhumbeni sakho owazalwa naso
- Inkinga yezinso kanye nokuthi umuntu ahlale enokusaba

UNgqongqoshe Dhlomo uthe ukwanda kokusetshenziswa kwemikhiqizo yokushintsha ibala kumkhumbuza uMalcom X, omunye wabaholi abaqavile base-Melika owake wabuza abanye besifazane nabesilisa bebala elifana nelakhe base-Melika lemibuzo elandelayo:

'Ubani owakufundisa ukuzonda izinwele odalwe nazo? Ubani owakufundisa ukuzonda ibala lesikhumba sakho? Ngamanye amazwi uma uzishintsha ibala lesikhumba sakho usuke ufuna ukufana nendoda yomlungu? Ubani owakufundisa ukuzonda isakhiwo sekhala lakho kanye nokuma kwezindebe zakho? Ubani owakufundisa ukuthi uzizonde kusukela phezulu ekhanda kuya phansi ezinzwaneni zakho?

Ubani owakufundisa ukuba uzizonde ngendlela oyiyo? Ubani owakufundisa ukuba uzonde






uhlanga odabuka kulona ngendlela yokuthi awufuni ngisho ukuhlala nabo?

UNgqongqoshe Dhlomo uthe:"Ngiyaphinda, ake sibuyise ukuzithemba kanye nokuzigqaja kwethu sazi ukuthi ukuzishintsha ibala kufana nokuzibukela phansi, uma ukwenze ungaqondile sekuyisikhathi sokuthi uzigqaje ngobu Africa kanye nobuNdiya bakho. Masizigqaje ngobuhle bethu bendalo sithande isikhumba sethu esizalwe naso." UNgqongqoshe Dhlomo ubonge zonke iziNhlaka ezibambe iqhaza kulomkhankaso woMnyango, kufaka phakathi UMnyango ophathelene nezesikhumba eNyuvesi yaKwaZulu-Natal,kube i Cosmetics Toiletries,i-Fragrances Association (CTFA); Umkhandlu weNhlangano yezeMpilo wakuleli (Health Professions Council of South Africa) (HPCSA); i-Dermatology Society of South Africa (DSSA); i-Women's Dermatological Society of SA (WDS) kanye nemikhandlu emele abafundi ezikhungweni eziphakeme.



"**Imikhiqizo** eminingi ethengisayo yesikhumba ithembisa abantu ukuthi bazoba bahle yenzelwa kakhulu abebala elinsundu"

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# ZIBUYILE EMASISWENI KUVUSELELWA UBUZWE NOBUKHOSI

"Ngempela sithi ziyabuya manje emasisweni, njengoba lohulumeni okhethwe ngabantu uzikhandla ukuba konke lokhu okwakoniwe, kwahlanekezelwa ngabacindezeli manje sikulungise."

**VERNON MCHUNU**

Ukuqala kwenyanga yamagugu uMandulo kufika ngesigqi elinqala esifundazweni saKwaZulu-Natali njengoba sekuqopheke umlando kubuyiswa ubukhosi bezizwe ezimbili ezazephucwe lelilungelo lazo lokuzalwa, zephucwa ngumbuso wamaKoloni owawucindezela futhi uhlakaza abantu abamnyama.

Kweminye yemisebenzi yokuzikhandla nokuzibophezela kukahulumeni okhethwe ngabantu kusukela ngonyaka ka 1994, iKhabhinethi yaKwaZulu-Natal isikhiphe isinqumo sokuvuselela ubukhosi nobuzwe babaThembu abazinze eNonoti eduze kwehlalankosi laKwadukuza kanye nobakwaShazi oBombo eMzumbe ngaphansi kwesifunda uGu.

Ubukhosi balezizizwe bungobunye phakathi kobuningi obabuhlakazwe bacishwa nasemlandweni wezizwe zamakhosi eNingizimu Afrika, ebuxokini nasebuphixiphixini obabenziwa ngumbuso wobuKoloni, eminyakeni yawo 1930 kuyaphambili, ngenhloso yokwenza umuntu omnyama abentekenteke. Kodwa ngoMsombuluko wesonto eledlule kuphenduke izikhuni, lapho khona umphathiswa kuhulumeni obhekelele ukubuyiswa nokuqiniswa kwezindaba zomdabu nokunakekelwa kwamakhosi nezinduna, uMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, evakashela imindeni yakwa Shazi kanye neyakwaMthembu kulezizigodi, eyobika ngokusemthethweni ukuthi uhulumeni wabantu usucubungule wathola ukuthi lobubukhosi nobuzwe kumele manje buvuselelwe ngoba sasingabangabikho isiminya ekuqedweni kwakho. Kuqhume imikliklizo omama balezizizwe bebikelwa yilelinxusa likaHulumeni elingu Dube-Ncube ukuthi kusukela manje sebeyizizwe futhi ngaphansi kwenkosi uMbuyiseni Joseph Shazi (wesizwe samaBombo) kanye no Vusi Nicholas Mthembu (wabaThembu), nokuyisimemezelo esesichazwe njengesiyinqophamlandu.

"Ngempela sithi ziyabuya manje emasisweni, njengoba lohulumeni okhethwe ngabantu uzikhandla ukuba konke lokhu okwakoniwe, kwahlanekezelwa ngabacindezeli manje sikulungise," uchaze kanje uNgqongqoshe uDube-Ncube, naye obebonakala nje ukuthi uwuzwa ngaphakathi lomsebenzi azowenzela lezizizwe. Uthe lomsebenzi wenziwe ngokulandela uMthethosisekelo wezwe ohlanganiswe ngonyaka ka 1996, nolayela ukuba izinto zomdabu kanye nobukhosi kunikezwe isithunzi esibufanele futhi kuthuthukiswe ngenxa yokuthi yibona obungumgogodla walelizwe lama Afrika. "Ngaphansi komthethosisekelo-ke kuba sekulotshwa umthetho iKwaZulu-Natal Traditional Leadership and Governance Act, Act 5, of 2005, nokuyiwona oholele ekwenziweni kuze kuphothulwe wonke lomsebenzi esiwenzile siwumnyango size sifinyelele ekuthenini lobubukhosi nobuzwe buyavuselelwa," kuchaza uDube-Ncube, nobuphathiswe bakhe obuphinde busingathe ukusebenza komasipala nokulethwa kwezidingo-ngqangi emiphakathini.

Ube esebonga uNdunankulu wesifundazwe, uMhlonishwa uWillies Mchunu, ekanye neKhabinethi yonke yesifundazwe, ngegalelo elinqala neliholele ekuphothulweni kwalomsebenzi.

U-Dube-Ncube - obenza lomsenzi ephelezelwa yiMeya uGumede ohola umkhandlu-sifunda iLembe kanye noMeya uMthembu ohola umkhandlu wasekhaya iKwadukuza - ube esehlaba ikhwelo kulezizizwe lokuba zidume njengabantu ababumbene futhi abanokuthula; wayalela nethimba lamakhansela lonke ebelikhona, ukuba kube nokubambisana nokuhloniphana phakathi kwesakhiwo sezomdabu esiholwa yinkosi kanye nezakhiwo zikahulumeni ezilawulwa yizimeya, ekhumbuza ukuthi kakade inyathuko inye – ngukuthuthukisa isifundazwe nezwe lonke kuyiswe empilweni engcono kubantu bonke.

• Kuzokhumbuleka ukuthi uNgqongqoshe uDube-Ncube eminyakeni ethi ayibe mithathu edlule, uke wahola ithimba lochwepheshe nosolwazi kwezomdabu, wayovundulula umlando ogcinwe kwelaseNgilandi, nokuyiwona msebenzi ophethe ngokuzala lolulwazi ngomlando wobukhosi obabucishwe ngamaKoloni.



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube namakhosi uMbuyiseni Joseph Shazi (wesizwe samaBombo) kanye no Vusi Nicholas Mthembu (wabaThembu) kwesingezansi*



# UHulumeni wesiFundazwe ubhekelela ukulethwa kwentuthuko

**VERNON MCHUNU**

Kuqhubeka ngendlela eyejwayelekile ukulethwa kwezidingo nokuthuthukiswa komphakathi ezindaweni zonke ezingaphansi komasipala esifundazweni saKwaZulu-Natal.

Lokhu kulandela ukusingatheka ngempumelelo kokubekwa kobuholi nemikhandlu emisha kulandela ukhetho lohulumeni basekhaya, noseluholele ezinguqukweni ebuholini bemikhandlu-dolobha.

Ekhuluma ngesikhathi kuyobekwa ngokusemthethweni izimeya, osomlomo, osekela-meya namakhansela ngokusha emikhandlwini, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uveze ukuthi kulindeleke kuhambe ngendlela ukulethwa kwezidingo kubantu.

"Emikhandlwini esisayihambele kubekwa ubuholi obusha, sisabone konke kuhamba ngokosiko.

Ngakho singasho kubantu bakithi ukuthi uhulumeni wesifundazwe usazolokhu ekuqinisekisa ukuthi omasipala basebenza ngendlela, kube nokubambisana emaqenjini ezepolitiki, ukuze abantu baqhubeke bathole intuthuko," kusho uDube-Ncube.

Okwamanje, imikhandlu abesayisingathile ungqongqoshe bekuseyi Theku, uMtubatuba, eMkhambathini kanye noKhahlamba, kanti nabanye ongqongqoshe besifundazwe bayingxenye yomsebenzi wokuqinisekisa ukuthi imikhandlu emisha ibekwa ngokohlelo.









**"Ngakho singasho kubantu bakithi ukuthi uHulumeni wesiFundazwe usazolokhu ekuqinisekisa ukuthi oMasipala basebenza ngendlela, kube nokubambisana emaqenjini ezepolitiki, ukuze abantu baqhubeke bathole intuthuko"**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# UHULUMENI USUKUMELA OLWASE-JOZINI NASE-NQUTHU

**VERNON MCHUNU**



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

Umnyango kahulumeni wesifundazwe obhekelele ukusebenza kohulumeni basekhaya ulubheke ngeso lokhozi udaba lobuhixihixi obebusalokhu buqhubeka ukuphazamisa ukuqala ukusebenza komasipala baseNquthu kanye naseJozini kulandela ukhetho lohulumeni basekhaya lwakamumva.

Kanti lomnyango, oholwa ngumhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, kumanje uvivela ukuthatha izinyathelo ezinqala uma kungukuthu amaqembu ezepolitiki kulabomasipala ayehluleka uqhamuka nesisombululo esisheshayo ukuze kungathikamezeki ukulethwa kwezidingo kubantu emakhaya.

Ekhuluma esithangamini sabezindaba kulelisonto, nebesihlelelwe ukusiza imiphakathi esifundazweni ukuba ibekeke esithombeni esiyiso ngokuqhubekayo kulabomasipala, uDube-Ncube uqinisekisile ukuthi umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, awuzukuvumela ukuba imibango engaphusile yezepolitiki igcine ivimbela ukuba labomasipala basebenze nokuyinto engaholela ekufilizeni nasekumfimfeni kokulethwa kukagesi kanye namanzi, phakathi kwezidingo ezibalulekile ezingeni lohulumeni basekhaya. "Lezizinqinamba siyakholwa thina njengesifundazwe ukuthi bezingaxazululwa ngamaqembu epolitiki ezingeni lalabomasipala, kodwa kubonakala zisalokhu zikhona ngenxa yokuthi kuyacaca kunokudonsisana nje okungenaso isidingo esinqala uma sibhekisisa. Siyanxusa-ke nabaholi abaphezulu kulamaqembu ukuba nabo bangasongi izandla bazibukele zidudulana, ngoba ngesikhathi zibambene izinkunzi, kuyaye kube ngutshani phansi obulimalayo," kusho uDube-Ncube.

Ube eseveza ukuthi umnyango wakhe usujube ithimba lochwepheshe ukuba liyohlolisisa umnyombo walezizinkinga bese liphakamisa kuyena izincomo zokuphulukisa isimo, nokuyothi lapho esezibhekile bese zedluliswa sezicutshungulwa yiKhabhinethi maqede kuqhanyukwe nenyathuko eya ekusonjululweni kwezinqinamba ukuze omasipala basebenze ngokwesiko.

"OHulumeni basekhaya basungulwe ngonyaka ka 2000 ukuba baqaqele kuzona zonke izingxenye zezwe nguhulumeni owawusukhethwe ngabantu kusukela ngonyaka ka 1994.

Inhloso kwakungukuba kusondezwe uhulumeni eduzane nalapho abantu behlezi khona ukuze kube lula ukulethwa kwezidingo kanye nokuxazululwa kwezinkinga zempilo yabantu emakhaya.

Ngakho-ke angeke savumela noma yini esikaza ukuphazamisa lenhloso-ngqangi kaHulumeni wabantu.

**Izikhungo zokuvota ziyobe zivuliwe njengokwejwayelekile kusukela ngehora lesikhombisa ekuseni kuze kube ngelesikhombisa kusihlwa.**

# Ukhetho lokuchibiyela luzovala izikhala zabashonile

**VERNON MCHUNU**

UHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natal unxusa amalungu emiphakathi eyakhele amawadi komasipala lapho khona kube nokwedlula emhlabeni kwamalungu amaqembu abephakanyiselwe ubukhansela, ukuba aqinisekise ukuthi anayo imininingwane yamakhaya ukuze akwazi ukuzibandakanya okhethweni lokuchibiyela okulindeleke ukuba lubanjwe ngenyanga kaLwezi kuwona lonyaka u 2016.

Ngokwesiko, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uzomemezela usuku lwalezinkhetho maduze nje emveni kokuba esexhumene nazona zonke izakhiwo ezithintekayo okhethweni.

"Silindele ukuba izakhamizi ziphume ngobuningi ziyosebenzisa ilungelo lazo lokuvota njengoba sideze sisho. Kodwa-ke, njengokuyalela komthetho, kuzomele lawo malungu omphakathi azimisele ukuba yingxenye yalezinkhetho akwazi ukuveza ubufakazi bezindawo lapho ehlala khona ukuze abe yingxenye yalolukhetho," kugcizelela uDube-Ncube, nothe impelasonto yokubhalisa izosiza abantu ukuba bayonikeza ngemininingwane yalapho behlala khona ukuze uma sekufika usuku lokhetho bakwazi ukuvota.

Okuzobe kwenzeka ke kulempelasonto yakusasa mhla ziwu 17 ngoMgqibelo kanye namhla ziwu 18 ngeSonto kuyona lenyanga uMandulo, wukuthi abekhomishana ezimele ebhekelele izinkhetho (IEC) bazobe besingethe uhlelo lokubhalisa abavoti emawadini amathathu athintekayo, ukuze izakhamizi zikwazi ukuba yingxenye yalezinkhetho zokuchibiyela.

Kuzokhumbuleka ukuthi ngaphambi kosuku lokuvota obelungo mhlaka 03 kuNcwaba, kube nokwedlula emhlabeni ngendlela ezumayo kwalabo



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

abesebephakanyiselwe ukumela amaqembu abo njengamakhansela emawadini amathathu akomasipala abathathu.

Ukwenza loluchibiyelo-ke, abe IEC sebethena njengokwejwayelekile, izikhungo zokubhalisela ukuvota zizovulwa kusukela ngo 8 ekuseni kuze kube ngu 5 ntambama kulempelasonto esiya kuyona, kanti ukuze ubhalise kumele uphathe umazisi wakho waseNingizimu Afrika osemthethweni noma kube ngumazisi omusha lona oyisigqebhezana onemininingwane yonke yakho.

Amawadi athintekayo, nabengakaqinisekiswa ngabe IEC ngesikhathi sokuloba, akomasipala baseNewcastle, kube yiseMuziwabantu (Harding) kanye naseMnambithi (Ladysmith).

Izikhungo zokuvota ziyobe zivuliwe njengokwejwayelekile kusukela ngehora lesikhombisa ekuseni kuze kube ngelesikhombisa kusihlwa.

> *"Impelasonto yokubhalisa izosiza abantu ukuba bayonikeza ngemininingwa ne yalapho behlala khona ukuze uma sekufika usuku lokhetho bakwazi ukuvota."*

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX





*UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi u Ravi Pillay enikezela ngomfaniswano wesikole komunye wabafundi base Panorama Combined School u- Makhosi Bophela.* ***Isithombe: MELBA NZIMANDE***

# UNGQONGQOSHE UPILLAY UHAMBELE IZIKOLE NOMPHAKATHI WASE CHARLESTOWN NGOHLELO LUKA OPERATION SUKUMA SAKHE

## Isifo sengculaza nesandulela gciwane kanye nezinhlelo zikaHulumeni zokulwa nobuphofu emphakathini zilethwa ngohlelo lwama War Room

**SANE KHUMALO-MBHENSE**

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi u -Ravi Pillay uzibophezele ekusombululeni inkinga yokuvuza kwepayipi lendle neselikhathaze othisha nabafundi esikoleni i-Hope High School eNyukhasela ngesikhathi uhulumeni wesiFundazwe uhambele leya ndawo ngohlelo luka Operation Sukuma Sakhe.

UNgqongqoshe uPillay uthe lenkinga uzoyisombulula ezinsukwini eziyishumi nane ngemuva ngokuhambela leya ndawo.

Nakuba lesi sikole sinale ngqinamba; silokhu sikhiqiza imiphumela emihle unyaka nonyaka njengoba sihlale sikhipha imiphumela ephakathi kuka 96% no 100%.

UNgqongqoshe uPillay uhambe egculisekile kulesi sikole ngendlela achazelwe ngayo ngokuphathwa kwaso ngokubambisana kuzo zonke izinhlaka ezikhona kusukela kuThishanhloko, oThisha, iziphathimandla zemfundo kanye nesigungu esilawula ukuphathwa kwesikole (SGB) kubandakanya neKhansela lendawo.

Ngesikhathi evakashele lendawo; uNgqongqoshe ubuye wahambela kwesinye isikole iPanorama Combined School naso esenza kahle ngokwemiphumela kamatikuletsheni.

Nalapho afike wanikela khona ngemifaniswano yesikole kanye nama – pads okusiza abafundi ukuze bawasebenzise uma sekufike "leso sikhathi senyanga" njengoba enzile nasesikoleni i- Hope High. UMnumzane uPillay ubuye wahambela umphakathi wase Charlestown nalapho ekhulume ngezinkinga ezikhungethe umphakathi okuyisifo sengculaza kanye nesandulela gciwane kanye nezinhlelo zikaHulumeni zokulwa nobuphofu emphakathini nezilethwa ngohlelo lwama War Room e-Operation Sukuma Sakhe esiyenze omkhulu umehluko emiphakathini entulayo esiFundazweni ikakhulukazi leyo esezindaweni ezisemakhaya.

> *"i-Operation Sukuma Sakhe isiyenze omkhulu umehluko emiphakathini entulayo esiFundazweni ikakhulukazi leyo esezindaweni ezisemakhaya."*



> **"Nakuba lesi sikole sinale ngqinamba; silokhu sikhiqiza imiphumela emihle unyaka nonyaka njengoba sihlale sikhipha imiphumela ephakathi kuka 96% no 100%."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

# SEBEZOHLAHLA ISIMO SEZULU BESEBENZISA OMAKHALEKHUKHWINI ABALIMI BASENTAMBANANA

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Sebezothola umhlahlo wesimo sezulu oshaya emhloleni njalo abalimi baseNtambanana kulandela ukuvulwa kwesiteshi sezanusi zezulu esizweni sakwaBiyela ngabakwa South African Weather Services (SAWS) ngokubambisana nomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya. Laba balimi sebezoshaya u*120*7297# komakhalekhukhwini babo bese belandela imiyalelo embalwa ukuze bazitholele mathupha ukuthi izulu lizobe liyithela noma likhipha umkhovu etsheni noma libafazi bedube inyama endaweni yaNtambanana. Lolu lwazi luzobe lulethwa komakhalekhukhwini babo ngumbhoshongo wezanusi zezulu ogxunyekwe emagcekeni oMkhandlu waseNtambanana, othulwe ngokusemthethweni emcimbini wokuvulwa kwawo obuhanjelwe ngabalimi bendawo nobubanjelwe endaweni yase Buccanana, ngaphansi kweNkosi yakwaBiyela, mhlaka 24 kuNcwaba 2016. Ukwakhiwa kwalesi siteshi, nokuseyindaba egudwini kubalimi bendawo, kulandela ucwaningo olwenziwe yiNyuvesi yasePitoli nokuyilo oluhlonze ukuthi indawo yaseNtambanana iyadinga ukuthola isimo sezulu esiqondene ngqo nalendawo ikakhulukazi njengoba ingenye yezindawo ezikhahlamezwe kakhulu yisomiso esiFundazweni saKwaZulu Natali.

Abalimi bale ndawo bakuncome kakhulu lokhu okwenziwe abakwa SAWS nomNyango njengoba bethe izibikezelo zezulu abebezithola bezingashayi emhlolweni njengoba zibanikeza umhlahlo wasemadolobheni aseMpangeni nase Richards Bay nobekubashiya beqagela sonke isikhathi. Indawo yaseNtambanana iqhelelene nedolobha lase Richards Bay ngamakhilomitha angaphezulu kwamashumi amane (40km) nokwenza ukuthi uma lishaya uzamcolo eMpangeni kutholakale ukuthi eNtambanana itshe lome inhlama. UMnu. Nhlonipho Nhlabatsi ovela kwaSAWS uthe abalimi sebezokwazi ukuthola umhlahlo wezulu wezinyanga eziyithupha oqagula ukuthi isimo sezulu sosuku ngalunye sizoba njani nokuzobasiza kakhulu ekutheni bakwazi ukuhlela kangcono imisebenzi yabo yezolimo ukuze izitshalo zabo zingakhahlamezwa yisimo sezulu esiguquguqukayo.



*Ithimba lakwa South African Weather Services (SAWS), abamele umNyango wezoLimo esiFundeni i-King Cetshwayo, abavela eNyuvesi yase Pitoli kanye nabeluleki bezolimo eNtambanana ngenkathi kwethulwa ngokusemthethweni isiteshi sokuqagula isimo sezulu.*

Uphinde waphakamisa ukuthi ithimba lakwa-Agricultural Research Council (ARC) lenze ucwaningo ngokuthi mangakanani amanzi atholakala emhlabathini wale ndawo ukuze abalimi bezokwazi ukuthi indawo ikulungele yini ukuthi bengatshala kumbe hlobo luni lwezitshalo ezivumelana nendawo yabo.

"Ngenxa yale ngqinamba yokuguquguquka kwesimo sezulu, kuyenzeka izimvula zine lapho zingalindeleke khona nelanga libalele kungalindelekile futhi nalapho lina lize nezikhukhula okanye libalele ngokweqile.

Ngakho-ke kuhle ukuthi nihambisane nesimo sezulu ekutshaleni kwenu", kusho uMnu. Nhlabatsi. UMnu Mlindi Linda ovela emNyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundeni i-King Cetshwayo, ophikweni olubhekelele izinhlekelele kwezolimo, ubongele abalimi egameni lomNyango wezoLimo waphinde wagqugquzela abalimi ekutheni mabakhuthale ekubhekeni isimo sezulu ukuze bezokwazi ukuthi yini abangayitshala nezokwazi ukumelana naleso simo sezulu.

"Lombhoshongo uzonilekelela ekutheni nikwazi ukubona ukuthi yiziphi izitshalo ezilungele ukutshalwa ngasiphi isikhathi ngoba nizokwazi ukuthola umhlahlo wezulu oqondene nani ngqo kule ndawo. Kuyenzeka umlimi aphume ekuseni ayotshala libalele, kodwa ngokuhamba kosuku bese liyayidliva kube nezikhukhula konakale konke akutshalile, kusho uMnu Linda.

Ukuguquguquka kwesimo sezulu kuletha izinselelo eziningi kubalimi bakuleli njengoba kulezinsuku bekhala bezithulisa ngesomiso esihlasele izwe lonke nesesibagqeme engeqiwa ntwala emkhakheni wezolimo nokuhweba ngemfuyo.

> Ngenxa yale ngqinamba yokuguquguquka kwesimo sezulu, kuyenzeka izimvula zine lapho zingalindeleke khona nelanga libalele kungalindelekile futhi nalapho lina lize nezikhukhula okanye libalele ngokweqile.

# Bangavumi ukuxhashazwa abantu

**BRENDA MQWAMBI**

Balengela engcupheni yokuphucwa imihlaba abantu abephula umthetho wokongiwa kwemihlaba enothile yezolimo ngokuyisika iziqephu bayiphendule iziza zokwakha imizi. Lesi sexwayiso sikhishwe nguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Themba Mthembu, kulandela ukwanda kwezigameko zabantu abasebenzisa ngokungemthetho umhlaba ohlinzekelwe ezolimo esiFundazweni sakwaZulu Natal.

"Abantu abasebenzisa imihlaba ngaphandle kwesivumelwano nomNyango wezoLimo bazidonsela amanzi ngomsele. Seziningi izigameko lapho kutholakala khona abantu bezakhela izindlu ngokungemthetho kulezo zindawo ezinothe kakhulu kwezolimo," kusho uMthembu. Ubalule isigameko esenzeke eMgungundlovu endaweni yaseFrance lapho abantu bazakhela khona izindlu ngokungemthetho kwamele ukuba bakhishwe ngodli. UMthembu uthe lezi zigameko azigcini nje ngokuthikameza ukusebenza kokwangamelwa kwemihlaba enothe kakhulu kwezolimo kepha iyisenzo esiphambana nomthetho obizwa ngokuthi yi-Subdivision of Agricultural Land Act No 70 of 1910 futhi esibeka isiFundazwe engcupheni yokweswela umhlaba wokulima nokungadala ukuthi sigcine singasakwazi ukuzikhiqizela ukudla okwanele.

Ngokwalo mthetho owongamele imihlaba yezoLimo, abantu abavumelekile ukuba bakhe emihlabeni lena okutholakala ukuthi ingakwazi ukuthi isetshenziselwe ezoLimo.

"Ukuqhubeka kwalezi zigameko zokusetshenziswa komhlaba ngendlela ephambene nomthetho kuzoholela ekutheni abantu baphucwe leyo mihlaba ngenkani nokuyikona umNyango ongafuni ukuba kwenzeke," kusho uMthembu. Uqhube wathi sekuke kwaba khona izigameko lapho eminye imihlaba itholakale ukuthi ayisakulungele ukuba ilinywe noma isetshenziselwe ezolimo. Uthi umNyango uzithole usuphoqeleka ukuba uvumele labo abanezicelo ekutheni bayisebenzisele izikhawo ezithize. "Imiphakathi kuzomele yazi ukuthi imihlaba ehlelelwe ezolimo iyona ebalulekile ekutheni izwe linothe nokuthi uma



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz Themba Mthembu*

lomkhuba uqhubeka lokho kungaholela ekutheni izwe ligcine selithembela emazweni angaphandle ekutholeni imikhiqizo yezolimo. Eminyakeni edlule umNyango uke waba nesivumelwano nabakwa Hullets lapho babecele ukuba basebenzise indawo yabo kamoba ababesebeyibona ukuthi ayiyisenawo umnotho ekutheni ungakhiqiza umoba. "UmNyango ube usuhamba ukuyobheka inhlabathi yakuleyo ndawo ukuba ngempela awungeke yini usakwazi ukukhiqiza umoba nokuthe ekugcineni waphetha ngokuthi bangakwazi ukuba bakhe unxanxatheka lwezitolo lolu oselubizwa nge Gate Way," kusho uMthembu. UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal uyakuqikelela ukuthi imihlaba enothe kakhulu ngokwezolimo awuthikanyezwa ngokuthi abantu bazihlukaniselane yona nokungagcina sekushodisa imihlaba yezolimo.

Lo mthetho ubhekelela kakhulu lezo zindawo ezinothe kakhulu kwezolimo futhi ubhekelela ukuba isetshenziselwa ezolimo kuphela.

UmNyango ugqugquzela imiphakathi ukuba izibhekisise izimo ezinjenga lezo ngokuba ithole amaphepha afanele abavumelayo ukuba bakhe kulezo zindawo.

> *"Ukuqhubeka kwalezi zigameko zokusetshenziswa komhlaba ngendlela ephambene nomthetho kuzoholela ekutheni abantu baphucwe leyo mihlaba ngenkani nokuyikona umNyango ongafuni ukuba kwenzeke"*



**"Ngokwalo mthetho owongamele imihlaba yezoLimo, abantu abavumelekile ukuba bakhe emihlabeni lena okutholakala ukuthi ingakwazi ukuthi isetshenziselwe ezoLimo."**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu




*UMqondisi Jikelele eMnyangweni kazwelonke wezoLimo, AmaHlathi nezokuDoba uMnuz Micheal Mlengana, owesifazane odle umhlanganiso we-Female Entrepreneur Awards ka-2016 uNks Venecia Janse, uMengameli wabesifazane abasemkhakheni wezolimo kuzwelonke, uNkk Maureen Magubane noNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Themba Mthembu.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO TRINITY NDLOVU***

# KUNCONYWE IGALELO LABESIFAZANE ABABAMBE IQHAZA KWEZOLIMO ESIFUNDAZWENI

**LONDIWE NGIDI**

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ungcome igalelo labalimi basesiFundazweni abanqoba imiklomelo yabesifazane abavelele emkhakheni wezolimo.

UMnuz Mthembu uthe iqhaza elibanjwe ngabesifazane kwezolimo libaluleke kakhulu futhi kumele lishayelwe ihlombe ngoba bamele isiFundazwe sethu kulo mkhakha.

Futhi lokhu ngokusho kukaNgqongqoshe uMvelase kuzogqugquzela intsha ukuba nayo izibandakanye kulo mkhakha osagubuzelwe kakhulu ngabesilisa asebekhulile. Uthe bonke labo ababambe iqhaza emiklomelweni ye-Female Entrepreneur Awards bangamanxusa emiphakathi abaphuma kuyo futhi bayisibonelo esihle nakwabanye abasazama ukuvelela emkhakheni wezolimo. Muva nje ithimba lesiFundazwe saKwaZulu-Natali belibhekise amabombo esiFundazweni saseLimpopo, ePolokwane, lapho beliyoqhudelana khona nabanye abesifazane bakwezinye iziFundazwe. Abaphuma phambili emncintiswaneni wesiFundazwe owawungo Agasti 16 futhi abebemele isiFundazwe eLimpopo ngoNksz Siphiwe Khubisa we-Intathakusa Cooperative owaphuma phambili emkhakheni we-Best Female Worker, uNkk Ntombifikile Ngaleka weNgaleka Enterprise owaphuma phambili emkhakheni we-Best Subsistence Producer noNks Hlengiwe Constance Mtshali weTshalos Enterprise owanqoba emkhakheni we-Top Entrepreneur Small-holder. Abanye abadla umhlanganiso abebephumile beyomela isiFundazwe ngoNkk Jayna Birjanund we-Yajmay Fresh Produce yena owaphuma phambili emkhakheni we-Top Entrepreneur Processing kanye noNkk Nomqondiso Mbalo weSimbamabhele Farm owaphuma phambili emkhakheni we-Top Entrepreneur Commercial.

UNkk Nomqondiso Mbalo ongumnikazi wenkampani ekhiqiza izingulube nezinkukhu iSimbamabhele Farm uthe imali abayithola bazoyitshala ezinkampanini zabo.

Umcimbi wama-Female Entrepreneur Awards uyingxenye yezinhlelo zoMnyango wezoLimo, Amahlathi nezokuDoba kuzwelonke oholwa nguMhlonishwa uSenzeni Zokwana. Ingqikithi enkulu yokusungula le miklomelo kwakuwukuba kuqhakambiswe iqhaza elibanjwe ngabesifazane ekuthuthukiseni imiphakathi abazinze kuyo futhi babongwe ngokuzithuthukisa bona njengalokhu waziwa umlando wabo wokuba ngezansi kwezomnotho. Kudingeka ukuba bashayelwe ihlombe ngokondla imindeni yabo, ekudaleni amathuba emisebenzi, ekukhuliseni umnotho nokuxosha ikati eziko. IsiFundazwe singaziqhenya ngokuthi yisona esaqala le miklomelo ngokulawula koMnyango wezoLimo ubambisene nokazwelonke.

Emncintiswaneni wemiklomelo kazwelonke bekubangwa imikhakha eyisishiyagalolunye okubalwa iBest Female Worker in the Sector, Best Subsistence Producer, Top Entrepreneur Smallholder, Top Entrepreneur Processing, Top Entrepreneur Commercial, Top Entrepreneur Export Markets kanye ne-Ministerial Award yona eqondiswe kumlimi oyintsha nomlimi wesifazane okhubazekile.

Emincintiswaneni kazwelonke umhlanganiso udliwe uNks Jenecia Janse wase-Eastern Cape obe yiFemale Entrepreneur of the Year njengalokhu ebuye wanqoba emkhakheni we-Top Producer in the Export Category.

Ithimba lamajaji elaqokwa belibheka kabanzi ukuthi ipulazi noma umsebenzi okungenelwe ngawo uyakwazi yini ukudala amathuba emisebenzi, ukuthuthukisa umnotho, ukunakekela imvelo, indlela okusetshenziswa ngayo, ubucwepheshe, ukuqeqesha abasebenzi, indlela yokuphatha ibhizinisi, izimakethe aziphakelayo kanye nokusebenza ngendlela enenqubekela phambili.

# Kutuswe abasebenzi bomNyango abanikelele amantombazane esikole

**BRENDA MQWAMBI**

Abasebenzi boMnyango wezoLimo nokuthuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali baphose itshe esivivaneni emphakathini njengalokhu benikele ngamaphedi kubafundi baseMnconjana High.

Lo mnikelo wenziwe ngabasebenzi besifazane abaseMnyangweni ngenhloso yokulekelela amantombazane amancane afunda ezikoleni ezingaphansi kukaHulumeni kodwa angakwazi ukuzitholela wona amaphedi.

Kube ngokokuqala ukuthi abasebenzi boMnyango benze lo mkhankaso kwazise isidingo sokusiza amantombazane sikhulu kakhulu njengalokhu amanye enenkinga yokuthi angayi esikoleni uma esezinsukwini.

Ngokophenyo lwalabo abaqale lo mkhankaso kuvele ukuthi amantombazana afundayo agcina engasayi esikoleni uma kuyisikhathi sokuthi abesezinsukwini zawo ngenxa yokungabi nayo amaphedi



*IPhini likaMqondisi Jikelele eMnyangweni wezoLimo, uNksz Jabu Majola enikeza abafundi besifazane amaphedi ngesikhathi ehambele esikoleni iNconjwana High eHowick.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO TRINITY NDLOVU***

(sanitary pads). Lokhu kuholela ekutheni agcine esesala ngemuva kakhulu ezifundweni zawo ezikoleni. Okusho ukuthi enyangeni amantombazana ayaphutha ukuba sesikoleni okungenani izinsuku ezine enyangeni okuthi uma sekuhlanganiswa kutholakala ukuthi amantombazane alahlekelwa ngamasonto angu-24 okufunda onyakeni.

Okushaqisayo okuvelayo ukuthi abafundi abahlwempu bagcina sebesebenzisa amaphepha okanye amathawula okungabadalela ukuthi bathole izifo ezingaba yingozi ezibelethweni zabo. IPhini likaMqondisi Jikelele eMnyangweni, uNksz Jabu Majola, uthe inhloso enkulu yale Projekthi ukuthi amantombazane akwazi ukuthi aye esikoleni ngaphandle kokwesaba ukuthi azongcolelwa ngomfaniswano noma aphoxeke nje kwabanye ozakwabo.

"Izingane eziningi aziyi esikoleni ngengathi besezinsukwini ngoba abazali abanayo imali yokubathengela amaphedi". Ekhuluma uNksz Majola uthe iningi labasebenzi ukuthenga amaphedi kulula kubona njengokuthenga isinkwa nobisi ngakho uyanxusa ukuba lolu hlelo lungapheli bonke abesifazane abasebenza eMnyangweni bengakabi yingxenye yalolu hlelo.

Ngemuva kokunikela ngamaphedi abasebenzi abangabaphathi eMnyanyweni babe sebeba nomhlangano lapho bezodingida izindlela eziya phambili ukuthuthukisa ikusasa labasebenzi besifazane eMnyangweni.

Kuwumgomo uMnyango ozibekele wona ukuthi kuhlonyiswe abantu besifazane ngolwazi olungadala ukuthi bathuthukise isimo sabo kwezenhlalo, ezemisebenzi ngisho nakwezomnotho nezempilo.

UNgqongqoshe walo Mnyango, uMnuz Themba Mthembu uthe kumele ukuthi kutuswe lokhu okwenziwe ngabesifazane abasemnyangweni njengalokhu kukhombisa intshiseko yabo ngemiphakathi abayisebenzelayo.

Ukufaka isandla emphakathini ngisho nasezintweni ezingekho ohlwini lwemisebenzi abayenzayo kuqinisa idolo ngokuthi bakhombisa ukukhathalela imiphakathi.

Uthe ukuthuthukiswa kwabesifazane kuwukuthuthukiswa kwesizwe futhi kuyodala isimo sokweneliseka emphakathini nekusasa lesizwe liqhakaze.



*Abahloli baseMkhanyakude*


*Othisha base Nsalamanga High School*


*Shayina High School*


*Othisha base Shayina High School*

# Izimenenja zemiNyango kaHulumeni zihambele izikole ezahlukene eMkhanyakude

# SIYAKHUPHUKA ISIBALO SABASEBENZI KOWEZIMALI ABANGENELE UMJAHO KAMANDELA

Kuyasijabulisa ukuthi umnyango uphinde wathola umbiko ongenagcobho kuMcwaningimabhuku kulo nyaka wezimali odlule (lokhu kungokwesikhombisa kwenzeka iminyaka ilandelana)

**NOSIPHO NDABA**

Sikhuphuke saba ngamashumi amabili isibalo sabasebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa abangenele umjaho wodumo eMgungundlovu, iNelson Mandela Marathon, kulonyaka.

Lesi sibalo sikhombisa ukuthi bayi 11 abasebenzi bomNyango abangenele lomncintiswano okokuqala njengoba babeyisishiyagalolunye ngonyaka owedlule. Okungukukhula ngama 55%.

Kulindeleke ukuthi lesibalo siphindeke ngamanye amaphesenti ngonyaka ozayo njengoba uphiko lwezokunakekela abasebenzi kwezokuGcinwa kwaMafa luphezulu kombhidlango wokugqugquzela abasebenzi ukuthi bazivocavoce futhi bazinakekele bangenele nemijaho ukuze baphile impilo enhle nehlelekile. Ephawula ngalolu daba uNksz. Nelly Mlotshwa walolu phiko uthe kunenqwaba yabanye abasebenzi abangawungenelanga lo mjaho ngenxa yokuxakeka kodwa bayalibamba iqhaza kweminye imijaho.

Uthe lokhu kuzimisela ngokuzivocavoca kuyizithelo zomkhankaso womNyango wokuvukuza abasebenzi ukuze baphile impilo enhle, bazinakekele futhi badle kahle.

Ngokwenyuka kwesibalo sabasebenzi abaphila lempilo enhle futhi bezivocavoca, Siyehla isibalo sabasebenzi abangenwa izifo. UmNyango wonga imali yokukhokhela izindleko zokugula kwabasebenzi, Kwehle nezinga lokulova kwabasebenzi emsebenzini, Kwenyuka izinga neqophela lokwenza umsebenzi.

"Kungakho izinga lokwenza umsebenzi ngendlela liseqophelweni eliphezulu kulo mNyango. Kuyasijabulisa ukuthi umNyango uphinde wathola umbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku kulonyaka wezimali odlule (lokhu kungokwesikhombisa kwenzeka iminyaka ilandelana)" kusho uMlotshwa.

UMlotshwa uthe isasasa kubasebenzi lokuphila impilo yokuzivocavoca liyadlondlobala minyaka yonke.

Iningi labo bathuthuka minyaka yonke- baqala ngamabanga amancane baye ngokukhula njengoba kukhona abaqala bagijima 5km baye ngokwenyuka baze bagcime uwo u42km weMandela marathon.

Kunabanye asebemkantshubomvu kwezokugijima asebengenele ngisho iComrad marathon ngakho belu ukulandela imiyalelo yokuphila impilo enhle.

Abasebenzi abangenele 42 km kubalwa kubo uMphathi wophiko lwezezimali eMnyangweni uMnuz.Thabani Ndlovu, Jacob Twala, Zithulele Mkhize, Sandy Govender no Sfiso Ndaba.



*Abasebenzi bomyango kaMgcini Mafa abebeyingxenye yeNelson Mandela Marathon.* ***Isithombe:*** ***NHLAKANIPHO BUTHELEZI***

Abangenele u21 km Kubalwa kubo uNksz.Mbalenhle Bhengu,uMnuz.Thami Mhlongo, uMnuz Nhlakanipho Sangweni, Sandile Ngcongo, uMnuz Sbongeleni Nxaba, uMnuz Ndumiso Nxaba kanye no Nksz Nelly Mlotshwa.

Bayisithupha abasebenzi abangenele u10km okubalwa kubo uMnuz.Sbulelo Dllamini, uNksz.Nothile Zulu, uNkks Tracy Westan, uMnuz. Sphesihle Halimana, uNksz Sinefa Khumalo kanye noNksz. Fundiswa Dlamini.

Lomjaho uhlose ukubungaze futhi ulondoloze amagalelo kaDkt Nelson Mandela ekwakheni iNingizimu Afrika engacwasi.



**"Ngokwenyuka kwesibalo sabasebenzi abaphila lempilo enhle futhi bezivocavoca, Siyehla isibalo sabasebenzi abangenwa izifo, umnyango wonga imali yokukhokhela izindleko zokugula kwabasebenzi"**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

# BAJABULILE NGOHLELO LOKUSONDEZA UHULUMENI KUBANTU E-NEWCASTLE

**AKHONA DLAMINI**

Kube yinjabulo yodwa ukufika kukaNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa umphakathi KwaZulu-Natal uMnu uMxolisi Kaunda endaweni yasoSizweni, eNewcastle ngaphansi kohlelo luka Sukuma Sakhe. Ukuvakasha kukaKaunda nobuholi besifundazwe kule ndawo engaphansi kwesiFunda Amajuba bekuhloswe ngakho ukuyohlola ukusebenza kwezikole zamabanga aphakeme kanye nomsebenzi osewenziwe uhulumeni kuleya ndawo. "Inhloso-ngqangi yokubakhona kwethu lapha namuhla ukuzohlola isimo sokusebenza kwezikole kanye nokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zikahulumeni ziyafinyelela emiphakathini okuyiwona odinga usizo. Lolu hlelo luyasiza ukubhekelela ukuthi izinkinga ezingaxazululeki kuma-war room kanye nakumasipala zibikwe kuhulumeni ukuze kutholakale izisombululo. Yingakho ke size kule ndawo ukuzozizwela ngezinkinga zomphakathi ukuze singenelele njengoHulumeni," kusho uKaunda.

UKaunda uqhubeke wathi yiningi imali esitshaliwe kulesi siFunda esetshenziswa ukuthuthukisa imiphakathi kanye nokulungiswa kwengqalasizinda. Kulolu hlelo kuhanjelwe izikole abafundi bakhona abazinikezwe izimpahla zesikole, izicathulo, nokunye.

Ngenkathi kuvakashelwe iMdumiseni High School, uKaunda ukhombise ukungenami ngezinga lokuphasa kwabafundi athe liya ngokuya lehla uma liqhathaniswa neminyaka eyedlule. Unxuse umphathi wesikole ukuba abambisane nabaholi boMnyango wezeMfundo ukuthola izinsiza ezifanele ukuze abafundi benze kangcono ekupheleni kwalo nyaka.

UKaunda uncome isikole iHlalanathi High School esingesinye sezikole ezihanjeliwe. Ngokombiko owethulwe nguthishanhloko uDkt Sipho Dlamini uthe izinga lokuphasa kube ngu-76 wamaphesenti.

UDlamini uchaze wathi: "Nakuba zikhona izinselelo esibhekene nazo esingabala kuzo ukugqekezwa kanye nokuntshontshwa kwempahla yesikole, abafundi abakuvumelanga ukuthi lezi zingqinamba ziphazamise izifundo zabo". Isakhamuzi sendawo uMnu Njabulo Mkhathini ukhale kuNgqongqoshe ngobugebengu obuhlasele indawo yangakubo.

"Sicela uNgqongqoshe angenelele kulolu daba. Iningi labantu bakule ndawo lihamba ngezinyawo uma beya emsebenzini kanti awukho ugesi emgwaqeni yingakho sihlala siyizisulu zezigebengu nje," kuzikhalela uMkhathini.

Esephetha uKaunda uphinde wagcizelela ngokubaluleka kwalolu hlelo ngokuthi umphakathi ubambisane noHulumeni ukuze bakwazi ukuqhamuka nezisombululo eziqondene nezinkinga zomphakathi wathi lokhu kuzokwenza ukuthi uHulumeni abenolwazi olugcwele ngezikhalazo zomphakathi ukuze kusungulwe izinhlelo ezizothuthukisa imiphakathi.



*Abafundi baseMdumiseni High School bakuthakasele kakhulu ukuvakashelwa nguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu uMxolisi Kaunda onikezele ngemifaniswano yesikole emisha.*



*UNqongqoshe uKaunda kanye nabanye abaholi ngenkathi bevakashele iHlalanathi High School.*
***Izithombe:* ZINGISA HLATHI**

Izingozi zisaqhubeka nokwenzeka kodwa kuyabonakala ukuthi iphutha elikhulu ukuthi kusewubudedengu kubashayeli kanye nokungafundiseki kwabantu ngezokuphepha emgwaqeni.

# OwezokuThutha ukhuthaza amasu ezokuphepha emgwaqeni ezikoleni

**MSIZI ZULU noSITHEMBILE LUTHULI**

Emizamweni yokukhuthaza ezokuphepha emgwaqeni kanye nokulwa nesihlava sezingozi emgwaqeni emazingeni ezikole, uMnyango wezokuThutha usingathe umncintiswano wenkulumo-mpikiswano ezikoleni esifundazweni. Kulo mncintiswano obungeledlule eTraffic Training College eMgungundlovu, ziyisithupha izikole ebezibambe iqhaza kuwona. Inhloso yalolu hlelo ukufundisa ngokubaluleka kokuphepha emgwaqeni njengoba uMnyango ukholwa ukuthi uma kufundiswa intsha nezingane ngokubaluleka kokuphepha emgwaqeni izingozi zingancipha. Lokhu kuvezwa yizibalo ezikhomba ukuthi sikhulu isibalo sezingane ezilimala ngezingozi zomgwaqo.

Ngaphandle nje kokufundisa izingane ngokuphepha emgwaqeni uMnyango uhlose ukuphucula amakhono okukhuluma ngokuqhudelana kubafundi nokuthi baphinde bafunde nokubaluleka kokusebenzisana okuyobasiza noma sebekhulile. Kulezi zikole ebezingenele lo mncintiswano eziyisithupha kube sekuphumelela ezimbili njengoba kade zihlukaniswe izigaba ezimbili okungezasemakhaya nezasemadolobheni.

Bekumele lezi zikole zibheke ukuthi yini engenziwa iNingizimu Afrika ukunciphisa izingozi emigwaqeni. U-Isabel Blare ongomunye wabafundi base-Solvista Secondary School e-Phoenix eThekwini okuyisikole esiwine emkhakheni wasemadolobheni ubalule ngokuthi izingozi eziningi zenzeka ngenxa yobudedengu babashayeli.

Uthe: "Izingozi zisaqhubeka nokwenzeka kodwa kuyabonakala ukuthi iphutha elikhulu ukuthi kusewubudedengu kubashayeli kanye nokungafundiseki kwabantu ngezokuphepha emgwaqeni.

Kuyabonakala ukuthi abantu abaningi basayishaya indiva imikhankaso yoMnyango yokuzama nokulwa nezingozi zomgwaqo. Njengoba kulindeleke ukuthi izingozi zibe sezinciphe ngo -50% ngo-2020 kodwa lokhu kuyokwenzeka uma abantu bengaqala manje ukulandela futhi babuye bahloniphe imikhankaso yoMnyango yokulwa nezingozi."

UNks uThoko Mabaso onguMqondisi ka-Road Safety uthe iNingizimu Afrika iseyizwe elisathuthuka elisadinga ukwesekwa ezintweni eziningi kanti enye yezimbangela ezinkulu zezingozi ikakhulukazi emakhaya ingenxa yokungafundiseki kwabantu. "Sisadinga kakhulu ukufundisa abantu ngezokuphepha emigwaqweni, ngokocwaningo loMnyango kutholakale ukuthi abantu abaningi bashayela bephuzile, abawafasi amabhande kanti amaphesenti angu-43, 3 ezimoto ezithwala imithwalo nazo zijwayele ukuba yimbangela yezingozi," kusho uMabaso.

UNkosithandile Ndimande ongumfundi waseVukile High School, eStanger okuyisikole esiwine ngaphansi kohlu lwezasemakhaya uthe uyaziqhenya ngokuwina kwesikole sakhe ngoba basebenze ngokukhulu ukuzikhandla kulo mncintiswano. "Ngijabule kakhulu ngokuphumelela kwesikole sami ikakhulukazi njengoba sisemakhaya ngoba asinazo izinsiza kusebenza ezanele kodwa ngaphandle kwalokho sisebenze ngokukhulu ukuzimisela, senza ucwaningo olunzulu silungiselela lo mncintiswano. Yikhona lokho okwenze sidle umhlanganiso kulo mncintiswano," kusho uNkosithandile. Bonke abafundi ababebeyingxenye yalo mncintiswano baklonyeliswe ngezindebe, kanti labo abadle umhlanganiso baklonyeliswe ngezindebe nama-tablets. Zombili lezizikole ezidle umhlanganiso zizoqhubekela phambili ziyongenela umncintiswano kuZwelonke ngomhlaka 3 - 7 October kulo nyaka.




*Abafundi baseVukile High School KwaDukuza abadle umhlanganiso emncintiswaneni wezokuphepha emgwaqeni.*



" **Lolu hlelo** luyasiza ukubhekelela ukuthi izinkinga ezingaxazululeki kuma-war room kanye nakumasipala zibikwe kuhulumeni ukuze kutholakale izisombululo"

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda



# UKAUNDA UHAMBELE IZIKOLE KWANONGOMA

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu uMxolisi Kaunda uhambele isikole iMchitheki High School, KwaNongoma njengengxenye yohlelo lukaHulumeni wesifundazwe lokubheka isimo ezikoleni ngaphambi kokuphela konyaka.

Ngemuva kokulalela izinkinga nezincomo mayelana nesikole, uKaunda ube esetshala isihlahla njengophawu lokukhuthaza inqubekela phambili kulesi sikole.

***Isithombe:* ZINGISA HLATHI**

# SIZILUNGELE IZIVIVINYO ZEBANGA LESHUMI

Inani labafundi abazobhala ngokugcwele kulezivivinyo za 2016 linyukile lafinyelela ku 171 805 uma liqhathaniswa nelangonyaka ka 2015 elalingu 169 825.

**NOMPUMELELO GASA no SIHLE MLOTSHWA**

UMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali usuzilungele izivivinyo zebanga leshumi zika 2016 ezizoqala ngomhlaka 24 October 2016. Lokhu kuvezwe uMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMnuz Mthandeni Dlungwane ngesikhathi ebika ngokusemthethweni izinga uMnyango wezeMfundo ozivivele ngayo izivivinyo zebanga leshumi. Lomcimbi obuhanjelwe izona zonke izinhlaka ezibalulekile eMnyangweni wezeMfundo, ububanjelwe eMlazi Comtech, mhlaka 01 September 2016.

Imfundo ingenye yezinto ezibekwe eqhulwini uHulumeni waseNingizimu Africa, kanjalo nesiFundazwe saKwaZulu-Natal siyibeke eqhulwini imfundo kangangoba isigqugquzele osomabhizinisi abaningi ukuthi baphose esivivaneni ukufukula izinga lemfundo labantwana baKwaZulu-Natal. Inani labafundi abazobhala ngokugcwele kulezivivinyo za 2016 linyukile lafinyelela ku 171 805 uma liqhathaniswa nelangonyaka ka 2015 elalingu 169 825.

Kuphinde kwavela ukuthi inani labafundi besifazane lilinganiselwa ku 92 221 kanti abesilisa bangu 79 584. "Njengo Mnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal, siyazigqaja ngokuba wuMnyango omkhulu weZemfundo kuzwelonke. Ukuzigqaja kwethu akusikho nje okokuthi sibaningi kuphela, kodwa ubuningi bethu kuchaza ukuthi siyakhona ukuthuthukisa izimpilo zabantu abaningi ngokwe mfundo kulesiFundazwe. UMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natali, kuzokhumbuleka ukuthi awenzanga kahle kwimiphumela yango nyaka ka 2015, asigcinanga ngokukhala kepha sibuyekezile ukubona lapho singenzanga khona kahle. Kusukela kuqale unyaka ka 2016 sibhukulile sasebenza ngokuzikhandla ukuze sifinyelele kwesikubekile," kuchaza uMphathiswa uDlungwane.

UMnyango usebenze ngokukhulu ukuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi abafundi abazobhala izivivinyo zikamatikuletsheni kulonyaka balolongeke ngendlela efanele. UMnyango udalule izinhlelo ozenzile ukulekelela abafundi okubalwa:

- Ukuhlanganisa zonke izinhlaka ezithintekayo kwezemfundo (stakeholders) ukuqhamuka namasu ahlukene ukuthuthukisa imiphumela yezivivinyo zika matikuletsheni.
- Ukuqhamuka nohlelo lokuhlola abafundi (Quartely Assessments) ukubheka lapho bengenzi kahle khona ngenhloso yokugxila kukona ukuze bacaciseleleke.
- Ukuthumelela izinsiza kufunda nokufundisa kubafundi kanye nothisha ukwenza umsebenzi wabo wenzeke ngendlela
- Ukuthuthukisa imikhandlu eyengamele izikole (SMT) ukuze ikwazi ukulekelela othisha.
- Ukubhekisisa ukuthi ngabe ukufunda nokufundisa kwenzeka ngesikhathi esifanele futhi ngabe kwenziwa ngendlela.

Lokhu kwenziwa nangohlelo lwe (School Functionality Monitoring) lapho kubhekwa okwenzeka ezikoleni nangokulekelelwa uHlelo LwesiShayamthetho saKwaZulu-Natal sokuthumela amalungu aso kwisiFundazwe namaphethelo ukuhlola ukusebenza kwezikole nokulekelela lapho kunezingqinamba khona.

- Uhlelo lwama Winter Classes ebelibanjwe ngamaholide ka June.

"Zonke izikole kwisiFundazwe zilindeleke ukuba zibe seziqedile ukufundisa mhlazingu-31 ku August 2016. Esikhathini kusuka kumhlaka-1 September kuzekube kubhalwa izivivinyo zika matikuletsheni, sizozinikela ekugxileni kokubuyekezwa kanye nokulungiselela izivivinyo zika matikuletsheni. Singakusho singananazi ukuthi uMnyango uzilungisele kakhulu izivivinyo zikamatikuletsheni zalonyaka ka 2016. Ukushayeka kwethu akushongo ukuwa kwethu, kepha kusinike amandla okubhekana ngqo nezimo ezithikameza ukufunda nokufundisa okuze kuholele ekungenzini kahle kwabantwana bethu. Ukuze siphumelele kuzodinga ukuba sisebenzisane kakhulu kunakuqala. Ngithanda ukunxusa abazali ukuthi babaxhase kakhulu abantwana ezifundweni zabo ikakhulukazi labo abenza umatikuletsheni, nibanike ithuba lokuthi bagxile kakhulu ezifundweni zabo ngalesi sikhathi," kuchaza uDlungwane.



*UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane ngesikhathi ebika ngokusemthethweni izinga uMnyango wezeMfundo ozivivele ngayo izivivinyo zebanga leshumi*



**UKUQEQESHWA KWAMA INVIGILATORS NAMA MONITORS**

UMnyango usuqeqeshe labo ababizwa ngama District Core Teams, ngendlela efanele futhi nenobuqotho yokubheka laba ababhalayo. Lama District Core teams wona azobe eseqeqesha ama Invigilators kanye nama Monitors. "Sikwenze kwacaca ukuthi bonke oThishanhoko kumele baqeqeshwe ekwenzeni ama Time Tables alabo abazobheka, begade labo abazobe babhala," kuchaza uMphathiswa.

**UKUQOKWA KWABAMAKI**

Ukukhethwa kwalabo abazomakela ibanga leshumi kwaqala ngomhlaka 20 June 2016. Ngayo inyanga ka June uMnyango waphothula ukuqoka labo abazomaka I Agricultural Science, Computer Application Technology, Information Technology, Mechanical Technology, Dramatic Arts kanye ne Visual Arts.

Ngomhlaka 01 July isiFundazwe saphothula ukuqoka labo abazomaka I Life Sciences, Physical Sciences, Mathematics, Mathematical Literacy, Geography, Business Studies, Accounting, History kanye ne Tourism. Ukuqokwa kwalabo abazomaka I Economics Kanye nama Languages kwaqala mhlaka 25 July 2016.

**UKUQALA NOKUQEDWA KOKUMAKA**

Izikhungo zokumaka zizovulwa ngezi 01 December 2016. Ama Chief Markers, Deputy Chief Markers, Senior Markers nama Markers, nawo azofika kwizikhungo zokumaka ngezi 01 December 2016. Ukumaka kona kuzoqala ngezi 05 December 2016 kuphothulwe ngezi 15 December 2016. Izikhungo zokumaka zizovalwa ngoMgqibelo wezi 18 December 2016.

**UKUKHISHWA KWEMIPHUMELA**

Izitatimende zemiphumela (statement of results) zizothunyelwa kwiziFunda ngezi 04 January 2017. Ngezi 05 January 2017 abafundi bazolanda imiphumela yabo ezikoleni ababhale kuzo bese imiphumela ithulwa uMphathiswa weZemfundo, ngezi 06 January 2017.



**Bonke abazali kanye nezikole zomphakathi KwaZulu-Natal abaqinisekise ukuthi ukubhaliswa kwabafundi bebhalisela unyaka ka2017 kwenziwa ngaphambi kuka 31 October 2016.**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwane




*Izimenenja zeminyango yonke kaHulumeni waKwaZulu-Natal ebezitshalwe ezikoleni zaseMkhanyakude ukuze kufukulwe izinga lokuphasa ezikoleni ikakhulukazi uMatikuletsheni.*

# IZIMENENJA ZIKAHULEMENI EMKHANKASWENI WOKUFUKULA IZINGA LOKUPHASA EZIKOLENI

**MAHLATHI TEMBE**

Isigungu sikaHulumeni waKwaZulu-Natal kuthe kulonyaka sathatha isinqumo sokuba kuthunyelwe izimenenja zeminyango yonke ezikoleni ukuze kufukulwe izinga lokuphasa ezikoleni ikakhulukazi uMatikuletsheni.

Iviki lonke langomhlaka August 29 kuya kuSeptemba 2 izimenenja bezithe chithi saka ezikoleni zigqugquzela othisha kanye nabafundi ukuze benze kangcono kulonyaka.

Kuzokhumbuleka ukuthi isiFundazwe saKwaZulu-Natal isona esinabafundi abaningi uma kuqhathaniswa nezinye iziFundazwe.

Isigungu sikaHulumeni sizibophezele ukuthi kulonyaka imiphumela kaMatric yenyuke ngamaphesenti angu 10.

Kulo nyaka kuphokophelwe ekubeni kungabibikho ngisho nesikole esisodwa esinemiphumela yebanga leshumi engaphansi kuka 30%. Kubhekwe ukuba izikole zikhiqize abafundi bebanga leshumi abaningi abazokwazi ukuba ngonyaka ozayo baye emaNyuvesi. Intatheli yethu ibitshalwe ukuba ibesesiFundazweni saseMkhanyakude lapho iNhloko yoMnyango weMfundo uAdvocate Bheki Masuku egqugquzele izimenenja ukuba ezikoleni ezizozivakashelwa kumele ziqinise kuzifundo ezifana neMathematics, Physical Science kanye ne Accounting.

Ubuye wagcizelela ukuthi kumele izimenenja zibheke ngehlo lokhozi izikole ezinabafundi abasebenzisa izidakamizwa bese kukhuthazwa abafundi ikakhulukazi bebanga leshumi kanye nothisha ukuba benze kangcono.

Izikole zebanga eliphezulu eMkhanyakude zingu 553.

Bekulindeleke ukuba zibe ngu 73 izimenenja ezivela emiNyangweni eyahlukene ebezitshalwe ezikoleni ezingaphansi kukaMasipala uMkhanyakude.

Ngokusho kukaMqondisi weMfundo eMkhanyakude, uMnu T.J. Motha uthe bazimisele ukuba abafundi bakaMatric kulonyaka abazophasa bafike kumaphesenti angu 80. Intaheli yethu ibe isivakashela ezinye izikole njengaseShayina High School lapho ifice khona ukuthi abafundi bebezimisele ngezifundo.

Okutholakele ukuthi abafundi bahamba ibanga elide uma beya esikoleni.

Intatheli yethu ibuye yavakashela iNsalamanga High School lapho ifice khona othisha nabafundi bematasatasa bezilungiselela ukuhlolwa kokuphela konyaka.

INsalalamanga High School kwathi ngo 1996 abafundi bebanga leshumi baphasa bonke.

Kulo nyaka othisha nabafundi bazimisele ukuthi kungabibikho noyedwa umfundi webanga leshumi ozofeyila.

Babuye bazinqumela ukuthi kulabobafundi abazophumelela abazimisele kube khona ozothothola isitifiketi kodwa babheke ukuthi abafundi bakwazi ukwenza oB.A, kanye namaDiploma.



*Imenenja uMahlathi Tembe nothishanhloko waseShayina High School uNkk D.M. Tembe, beqoqa imininingwane ngesikole.*

> *"Kulo nyaka kuphokophelwe ekubeni kungabibikho ngisho nesikole esisodwa esinemiphumela yebanga leshumi engaphansi kuka 30%."*



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSSED ON VISION 2030

KZN Provincial Communications_2016